UMNYANGO WOHULUMENI BASEKHAYA NEZINDABA ZOMDABU**UMTHETHO WOBUHOLI BOMDABU KWISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI 2005
(UMTHETHO ONGUNOMBOLO 5 KA 2005)****IMITHETHO NQUBO YOBUHOLI BOMDABU KWAZULU-NATALI**

NNGOKULANDELA isigaba 44(2) soMthetho ongunombolo 5 ka 2005 wobuHoli boMdabu NokuBusa Esifundazweni SaKwaZulu-Natali, iLungu Lomkhandlu Olawulayo elibhekene nezoHulumeni Basekhaya, kanye nezoMdabu selenze imithethonqubo evezwe ohlelweni olukhona lapha.

Imithethonqubo izoqala ukusebenza ngosuku lokukhishwa kwigazethi Yesifundazwe.

M MABUYAKHULU

UNgqongqoshe Wohulumeni Basekhaya, Ezezindlu Nezindaba zoMdabu.

UHLELO**IMITHETHONQUBO YOBUHOLI BOMDABU KWAZULU-NATALI, 2006****OKUQUKETHWE****INGXENYE A — IZINCAZELO NOKUHUNYUSHWA**

1. Izincazelo
2. Ukuhunyushwa

INGXENYE B — OKUTHINTA IZINDAWO ZONKE

3. Ukufakwa kwezicelo zokwamukeleka njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu
4. Ukusungulwa kwemikhandlu emiswe ngokwenqubo yoMdabu
5. Izigodi
6. Ubulungu boMkhandlu WezoMdabu
7. Amalungu aqokiwe emikhandlu yezoMdabu
8. Amalungu akhethiwe emikhandlu yezoMdabu
9. Imihlangano yemikhandlu yezoMdabu
10. Izindlu zesifunda zabaholi bezoMdabu
11. Imihlangano yezindlu zesifunda.
12. Amakomidi alawulayo ezindlu zesifunda
13. INdlu Yesifundazwe Yabaholi BezoMdabu
14. Imihlangano yeNdlu Yesifundazwe
15. Ikomidi elilawulayo leNdlu Yesifundazwe
16. Ukuzibophezela ukuqala ukusebenza

INGXENYE C — UKHETHO

17. Lapho kuzosebenza khona iNgxenywe C
18. Ukuqashwa kwabazimele abazosingatha ukhetho
19. Ukumenyenzelwa nokulungiselelwa kokhetho
20. Ilungelo lokuvota
21. Ilungelo lokuphakanyiswa
22. Ukuphakanyiswa nokuqokwa kwabangenele ukhetho
23. Ukumiswa kwezikhungo zokuvota
24. Abasebenzi bokhetho
25. Ukubhaliswa kwabavoti nokwenziwa kohla lwabavoti
26. Impahla yokuvota
27. Ukuphathwa kokuqhubeka kokhetho
28. Amahora okuvota

29. Imingcele yezikhungo zokuvota
30. Izikhungo zokuvota ezingomahambanendlwana
31. Izinqubo zangasekuqaleni
32. Inqubo yokuvota
33. Usizo kubavoti abathize
34. Ukukhishwa kwamaphepha okuvota
35. Ukufakwa kophawu esandleni
36. Ukuvalwa kwamabhokisi okuvota
37. Ukuqedelwa kwesitatimende samaphepha okuvota kanye nokuvalwa kwempahla yokuvota.
38. Indlela yokubala amavoti
39. Inqubo mayelana nemiphumela kanye nempahla yokuvota
40. Ukulingana kwamavoti nokumeleleka
41. Impikiswano okhethweni kanye nokufakwa kwezikhalo
42. Ukumiswa Kwesigungu Sokulalela Amacala.
43. Ukufunga kwamalungu omkhandlu akhethiwe
44. Ukhetho Lokuchibiyela
45. Inqubo Yokuziphatha
46. Indlela yokuziphatha engamukelekile
47. Ukukhethwa kwamalungu esigungu ezindlu zesifunda.
48. Ukukhethwa lwamalungu ezindlu zesifunda ukuba angene eNdlini Yesifundazwe.
49. Ukukhethwa kwamalungu ekomidi elilawulayo leNdlu Yesifundazwe.
50. Ukufunga kwamalungu amakomidi alawulayo eziNdlu Zesifunda Nezesifundazwe.
51. Izihlinzeko ezijwayelekile
52. Imfundo mayelana nokuvota
53. Izingqapheli zokhetho
54. Ukukhankasela ukhetho
55. Ukuqiniswa kobumfihlo
56. Ukwephulwa kwemithetho kanye nokunikezwa kwezijeziso
57. Izihloko ezimfushane

INGXENYE D- IZENGEZO

IMITHETHONQUBO YOBUHOLI BOMDABU KWAZULU-NATALI, 2006

INGXENYE A – IZINCAZELO NOKUHUNYUSHA

1. Izincazelo

Kule mithethonqubo igama noma umusho onikezwe incazelo kuMthetho kuyobe kuchazwa lokho, ngaphandle uma ingqikithi yendabo isho okunye —

“**uMthetho**” kusho uMthetho 2005 (Umthetho nombolo 5 ka 2005) woBuholi boMdabu nokuBuswa kwisiFundazwe saKwaZulu-Natali;

“**Ukhetho lokuchibiyela**” kusho ukhetho lokuchibiyela olushiwo kumthethonqubo 22 wale mithethonqubo;

“**abangenele ukhetho**” kusho umuntu igama lakhe eliphakanyisiwe ngokomthethonqubo 22 wale mithethonqubo;

“**isakhamuzi**” ngokwale mithethonqubo kusho isakhamuzi saseNingizimu Afrika esinomazisi;

“**usuku**” ngokwale mithethonqubo usuku lusho usuku lokusebenza, ngaphandle kwezimpelasonto kanye namaholidi omphakathi;

“**umnyango**” kusho umnyango kuHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natali oqondene nezoMdabu;

“**uMasipala Wesifundazwe**” kusho umasipala oneziphathimandla ezilawulayo nezishaya imithetho endaweni enomasipala besifunda abangaphezu kowodwa, njengoba kubekiwe esigabeni 5 soMthetho wokuNqunywa kweziNhlobo zoMasipala, 2000 nec-haziwe esigabeni 155(1)(c) soMthethosisekelo njengomasipala owuhlobo C;

“**ukhetho**” kusho ukhetho olushiwo kule mithethonqubo;

“**uhlelo lwezikhathi zokuvota**” kusho uhlelo lwezikhathi zokuvota oluzokwakhiwa nenhlangano ezimele ezosingatha ukhetho ngokomthethonqubo 19(3) wale mithethonqubo;

“**iSigungu Sokulalela Amacala**” kusho ibandla elizoqokwa ngokomthethonqubo-42 wale mithethonqubo;

“**UMthetho wezoKhetho**” kusho uMthetho wezoKhetho, 1998 (uMthetho No. 73 ka 1998);

“**iGazethi**” kusho *iGazethi Yesifundazwe* esemthethweni yaKwaZulu-Natali;

“**umazisi**” kusho umazisi okhishwe ngemva komhlazi-1 kuNtulikazi 1996, ngokwesigaba 8 soMthetho woKwazisa, 1986 (uMthetho No. 72 ka 1986), noma isitifiketi sesikhashana soKwazisa ekhishwe ngokoMthetho woKwazisa, 1997 (UMthetho No. 68 ka 1997);

“**IKhomishana Yokhetho Ezimele**” kusho iKhomishana eyasungulwa ngaphansi koMthetho weKhomishana yoKhetho, 1996 (uMthetho No. 51 ka 1996);

“**Imbizo**” kusho umhlangano wokubonisana njengoba kuchaziwe kuMthetho;

“**inkosi**” kusho umholi omiswe ngokwenqubo yoMdabu ophezulu ngokwesikhundla njengoba kuchaziwe kuMthetho, kanti “**amakhosi**” angubuningi bakhona;

“**isigodi**” kusho ukuklanywa kwemingcele kwesifunda sasemakhaya emphakathini omiswe ngokwenqubo yoMdabu;

“**iSilo**” kusho Inkosi enkulu Yesifundazwe saKwaZulu-Natali njengoba kuchazwe kuMthetho;

“**indlu yesifunda**” kusho indlu yesifunda yabaHoli boMdabu njengoba kuchazwe kuMthetho;

“**Ilungu Lomkhandlu Ophethe**” kusho iLungu loMkhandlu oLawulayo elibhekene nezindaba zoMdabu kwisiFundazwe;

“**ukuphakanyiswa**” kusho ukuphakanyiswa okushiwo kumthethonqubo 22 wale mithethonqubo;

“**izingqapheli**” kusho umuntu ongunya lokubheka ukuqhubeka kokhetho ngokwale mithethonqubo;

“**umsebenzi**” kusho —

(a) ophethe isikhundla esithize noqokwe ngokomthethonqubo 24 wale mithethonqubo;

(b) umsebenzi owengamele;

(c) isekela lomsebenzi owengamele;

(d) umsebenzi ovotisayo;

(e) umsebenzi wokubala amavoti;

(f) umbali wamavoti;

(g) umsebenzi woMnyango.

“**umsebenzi owengamele**” kusho umuntu owengamele okhethweni noqokwe ngokwemithethonqubo 24(3)(a) yale mithethonqubo;

“**isiFundazwe**” kusho isiFundazwe saKwaZulu-Natali;

“**iNdlu Yesifundazwe**” kusho iNdlu Yesifundazwe yabaHoli abamiswe ngokwenqubo yoMdabu njengoba kuchaziwe kuMthetho;

“**ukuthathwa njengofanele**” kusho ukwazeka noma ukwamukeleka njengoba kushiwo kuMthetho, kanti u “-aziwa/ -amukeleka” unencazelo ehambisana nako;

“**imithethonqubo**” kusho le mithethonqubo kanti kufaka nezithasiselo;

“**isakhamuzi**” kusho umuntu ohlala endaweni eyingxenywe yomphakathi omiswe ngokwenqubo yzoMdabu;

“**umphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu**” kusho umphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu njengoba kuchaziwe kuMthetho;

“**umkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu**” kusho umkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu njengoba kuchaziwe kuMthetho;

“**umvoti**” kusho umuntu ogama lakhe livela ohlwini labavoti”;

“**uhla lwabavoti**” kusho lawo mazinga ohla lwabavoti oluyosetshenziswa okhethweni ngokwale mithethonqubo eyaqinisekiswa yilungu lomkhandlu ophethe ngokomthethonqubo 25 wale mithethonqubo;

“**isigodi sokuvota**” ngokwezinhloso zale mithethonqubo kusho indawo enengxenywe eyodwa yesigodi kumbe inhlanganisela yezigodi ezimbili noma ngaphezulu ezakhelwe uhla labavoti ngokomthethonqubo 25 wale mithethonqubo;

“**isikhungo sokuvota**” kusho isikhungo sokuvota ngokwezinjongo zokuvota ezisungulwe ngokomthethonqubo 23 wale mithethonqubo.

2. Ukuhunyushwa

(1) Umuntu ohumusha noma osebenzisa le mithethonqubo kumele —

(a) enze njalo ngendlela efeza okushiwo ngumthethosisekelo. Iziqiniseko kanye nemisebenzi equkethwe kuMthethosisekelo;

(b) aqikelele uMthetho Ochibiyelwe woHlaka lobuHoli omiswe ngokwenqubo yoMdabu kanye nokuBuswa, 2003 (uMthetho No. 41 ka 2003) noMthetho; futhi

(c) aqikelele amasiko nezinkolelo zemiphakathi emiswe ngokwenqubo yoMdabu inqobo nje uma ingashayisani nohlaka lomthetho kanye noMthethosisekelo;

INGXENYE B – OKUTHINTA IZINDAWO ZONKE**3. Ukufakwa kwezicelo zokwamukeleka njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu**

- (1) Umphakathi ofisa ukufaka isicelo sokwazeka njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu kumele ugcwalise iFomu A elikwisiThasiselo 1, futhi kumele uyise ifomu eligcwalisiwe kuNdunankulu wesiFunda saKwaZulu-Natali.
- (2) Ifomu kumele ligcwalisiwe ngokugcwele, lisayinwe ngosemthethweni njengokulindelekile, omele lowo mphakathi.
- (3) Ifomu lingayiswa kuNdunankulu ngesandla noma liposwe ngeposi eliqale ngokukhokhelwa labhaliswa, lithunyelwe kuNdunankulu, ngezandla zomphathi womnyango wesifunda obhekene nezindaba zoMdabu.
- (4) Ezinyangeni ezintathu emva kokuthola isicelo esigcwalisiwe njengokufaneleyo uNdunankulu kumele asho ukuba lowo mphakathi ungemukeleka yini njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu, noma enqabe ukwenza njalo.
- (5) UNdunankulu kumele atshele umphakathi lowo ngesinqumo sakhe ngokuwubhalela emasontweni amathathu, futhi kumele akhiphe lesi sinqumo njengesaziso kwigazethi. Ukwaziwa komphakathi njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu kuzoqala ukusebenza ngemva kokukhishwa kwesaziso kwigazethi.
- (6) Isaziso esazisa umphakathi njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu kumele naso sicacise —
 - (a) igama umphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu ozokwaziwa ngalo
 - (b) inani lamalungu omkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu okufanele lisungulwe yilowo mphakathi.
- (7) uNdunankulu kumele anikeze umphakathi owaziwa njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu isitifiketi sokwamukeleka.
- (8) Ekwaziweni, umphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu kumele uqikelele ukuthi izinyathelo ezifanele ziyathathwa ukuqinisekisa ukuhambisana noMthetho, ikakhulukazi izigaba 3 nsesi 6(1).
- (9) Umphakathi uhlala waziwa njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu kuze kube wukuthi ukwemukeleka kwawo kuyahoxiswa njengoba kushiwo esigabeni 5 soMthetho.
- (10) Uma umphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu ucela uNdunankulu ukuba ahoxise ukwaziwa kwawo njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu njengoba kushiwo esigabeni 5(1) soMthetho, kumele wenze njalo ngokubhala phansi futhi uveze imininingwane eyanele ukuze uNdunankulu akwazi ukucubungula isicelo, kubalwa kulokho —
 - (a) izingathu ezigculisayo zaleso sicelo; kanye
 - (b) nobubanzi bokusingathwa kwaleso sicelo yilowo mphakathi, nokuthi lokho kusingathwa kubonakala kanjani.
- (11) Ukuhoxiswa kokwamukeleka njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu kuqala ukusebenza ngemva kokukhishwa kwesaziso kwigazethi sokuhoxisa lowo mphakathi njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu.

4. Ukusungulwa kwemikhandlu emiswe ngokwenqubo yoMdabu

- (1) Ekwamukelekeni komphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu nguNdunankulu, umnyango kumele uhlinzeke lowo mphakathi ngosizo olufanele lokuphatha nokuwusekela ukuze ukwazi ukusungula umkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu ezinyangeni ezintathu wamukeliwe.

5. Izigodi

- (1) Umnyango kumele unqume isigodi emphakathini ngamunye, bese wakha futhi ugcine uhla lwezigodi emkhandlwini omiswe ngokwenqubo yoMdabu ngamunye.
- (2) Ukunqunywa kwezigodi ngumnyango kumele kwenziwe kulandelwa ukuklanywa kwemingcele yezigodi emphakathini omiswe ngokwenqubo yoMdabu, nangemva kokuxhumana nenkosi efanele yomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu.

6. Ubulungu boMkhandlu WoMdabu

- (1) Amalungu omkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu aqokethe —
 - (a) Inkosi yaleso sizwe soMdabu;
 - (b) Amalungu okumele aqokwe yinkosi njengokwesigaba 6(3)(a) soMthetho;
 - (c) Namalungu omkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu azokhethwa njengokwesigaba 6(3)(b) soMthetho.
- (2) Inani lamalungu omkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu angedlule kwangamashumi amathathu esewonke.

7. Amalungu aqokiwe emikhandlu yoMdabu

- (1) Amalungu omkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu okumele aqokwe ngokwesigaba 6(3)(a) soMthetho —
 - (a) anommeli oyedwa oqokwe yiNkosi yesigodi ngasinye, nangedlule amalungwini ayishumi nesikhombisa;
 - (b) kumele abe nokungenani ingxenye eyodwa kokuthathu yabesifazane, njengokushiwo yisigaba 6(8) soMthetho.
- (2) Lapho kunezigodi ezevile eshumini nesikhombisa, iNkosi ngokubonisana nomnyango kuyofanele ihlanganise izigodi ezimbili noma ngaphezulu nokuyiqokwa kuzo ilungu elilodwa.
- (3) INkosi kumele iqoke amalungu omkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu nokumele aqokwe njengokwesigaba 6(3)(a) soMthetho, futhi kuyomele ukuqoka kwayo lowo ikuveze obala amalungwini omphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu ezinsukwini eziyishumi nane zokwaziwa kwalowo mphakathi njengomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu, noma ngokuphelelwa yisikhathi sokusebenza komkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu wangaphambilini, kuya ngokuthi yikuphi okwenzekayo kulokho okubaliwe.

8. Amalungu akhethiwe emikhandlu yoMdabu

- (1) Amalungu omkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu kumele njengokwesigaba 6(3)(b) soMthetho —
 - (a) kumele akhethwe kwamanye amalungu omphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu;
 - (b) kumele abe okungenani nengxenye eyodwa kokuthathu yabesifazane, njengokushiwo yisigaba 6(8) soMthetho;
 - (c) kumele enze amaphesenti angamashumi amane enani lamanye amalungu omkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu okuyiNkosi namanye amalungu aqokwe yiNkosi.
- (2) Noma yiliphi iqhezu leshumi elidaleka ngenxa yokubala okubalulwe esigatshaneni sesomthethonqubo (1)(c) ngenhla kuyomele lishaywe indiva, kanti inombolo leyo iyokwehliswa.
- (3) Uma kuvela ohlwini labavoti ukuthi ubungako bomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu abufanelani nobuningi bokucina benani lamalungu omkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu anqunyiwe kuMthetho, uNgqongqoshe wesifunda anganquma ubungako obufanele bomkhandlu ngokuhambisana nesiThasiselo 2 sale mithethonqubo.
- (4) Ukhetho lwamalungu omkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu okumele lwenzeke ngokwesigaba 6(3)(b) soMthetho kumele luqhubeka ngokulandela imithethonqubo ekungxenywe C.

9. Imihlangano yemikhandlu yoMdabu

- (1) INkosi kumele ibize umhlangano wokuqala womkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu esikhathini esingangezinsuku ezingamashumi amabili okusungulwa kwalowo mkhandlu. Kumele yenze lokho ngesaziso esibhaliwe esiveza usuku, isikhathi nendawo yomhlangano ohlongozwayo, kanti futhi isaziso kumele siyiswe kulelo nalelo lungu okungenani ezinsukwini ezine ngaphambi kosuku lomhlangano.
- (2) Umkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu kumele uhlange njalo ngenyanga ngosuku nesikhathi okunqunywe ngumphathisihlalo. Kumele enze njalo ngesaziso esibhaliwe esiveza usuku, isikhathi kanye nendawo yomhlangano ohlongozwayo, kanti futhi isaziso kumele siyiswe elungwini ngalinye okungenani ezinsukwini ezine ngaphambi kosuku lomhlangano.
- (3) Imihlangano ephuthumayo ingabizwa ngumphathisihlalo noma ngamalungu amabili omkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu ngesaziso esibhaliwe esiveza usuku, isikhathi nendawo yomhlangano ohlongozwayo, kanti isaziso kumele siyiswe elungwini ngalinye okungenani ezinsukwini ezine ngaphambi komhlangano.
- (4) Umkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu kumele usebenzise imithetho efana nalena ukuhlinzekela ezinye izikhundla kanye namakomijana njengoba kungadingeka ukuqhuba umsebenzi wawo.

10. Izindlu zesifunda zabaholi boMdabu

- (1) Ilungu Lomkhandlu Ophethe (uNgqongqoshe) kumele akhiphe isaziso somhlangano wokuqala weNdlu yesiFunda ekwamukelekeni kwemiphakathi emiswe ngokwenqubo yoMdabu emihlanu noma ngaphezulu kumasipala wesifunda.
- (2) Isaziso okukhulunywe ngaso esigatshaneni somthethonqubo (1) kumele —
 - (a) siveze ukusungulwa kendlu yesifunda;
 - (b) sibize umhlangano wokuqala waleyo ndlu yesifunda, ucacise usuku, isikhathi kanye nendawo yomhlangano wokuqala, nokumele ube ezinsukwini eziyisikhombisa ngemva kokukhishwa kwesaziso kwigazethi, futhi
 - (c) sinqume inani lamalungu okumele akhethwe kwiNdlu yesifunda akhethelwe ukuya kwiNdlu Yesifundazwe, kubekwe emqodweni okubalulwe esigatshaneni 33(2) soMthetho.
- (3) Indlu yesifunda izokwaziwa ngegama lamasipala wesiFunda esiyiphethe.

11. Imihlangano yezindlu zesifunda

- (1) Yonke imihlangano yezindlu zesifunda izovuleleka kuwo wonke amalungu omphakathi: Inqobo nje uma lo mthethonqubo ungezuketshenziswa uma isizathu salokho sizwakala, kubhekwa ubunjalo bodaba oluyobe ludingidwa kulowo mhlango.
- (2) Imihlangano eyejwayelekile yezindlu zesifunda ibizwa ngumphathisihlalo wendlu yesifunda, nokumele ahambise isaziso esibhaliwe elungwini ngalinye okungenani ezinsukwini ezine ngaphambi kosuku lomhlangano. Isaziso kumele siyiswe endaweni yokuhlala eyejwayelekile yelunga ngalinye, noma-ke endaweni eshiwo yilunga ngokubhala phansi.
- (3) Umphathisihlalo kumele abize umhlangano ophuthumayo wendlu yesifunda uma amalungu ayiningi efaka isicelo esibhaliwe, nongabizwa esikhathini esingaphansi kwezinsuku ezine uma okungenani amalungu enza okubili kokuthathu akhona eveza ukuthi indaba iyaphuthuma.
- (4) Izindlu zesifunda zingenza imithetho nemiyalelo okumayelana nokuphathwa kwemisebenzi yayo nezinqubo.
- (5) Ikharamu (inani labantu elanele ukuthi umhlangano ungaqhubeka) yendlu yesifunda ingaba okungenani yingxenye eyodwa kokuthathu yamalungu aleyo ndlu ukuze kume umhlangano osemthethweni, kanti futhi kumele kube wukuthi okungenani yenze ingxenye enguhhafu yamalungu aleyo ndlu uma ivotela noma yiluphi udaba olusemandleni ayo.
- (6) Zonke izinqumo zendlu yesifunda zithathwa yiningi lamalungu akhona emhlanganweni.
- (7) Amalungu kuphela angakhuluma noma avote ngezikhathi zemihlangano yezindlu zesifunda: Inqobo nje uma amalungu omphakathi engakhuluma endlini yendawo uma evumelekile ukwenza lokho nokwesivumelwano sendlu.
- (8) Kulo mthethonqubo "umhlangano" usho yonke imihlangano yezindlu zesifunda namakomidi akhona.

12. Amakomidi alawulayo ezindlu zesifunda

- (1) Indlu yesifunda ingasungula ikomidi elilawulayo uma leyondlu ifisa ukwenza njalo.
- (2) Ikomidi elilawulayo lendlu yesifunda lingaba namalungu angevile kwayisikhombisa kulawo endlu yesifunda, inqobo nje uma Ilungu Lomkhandlu Ophethe linganquma inani lamalungu amakomidi alawulayo ezindlu zesifunda ngesaziso kwigazethi, uma lifisa ukwenza njalo.
- (3) Ukukhethwa kwamalungu ekomidi elilawulayo kumele kwenziwe ngokulandela imithethonqubo yokhetho ememezelve yiLungu Lomkhandlu Ophethe.
- (4) Ikomidi elilawulayo liyoba nomthwalo nemisebenzi eliyithweswe noma eliyinikezwe yileyo ndlu yesifunda.

13. INdlu Yesifundazwe Yabaholi boMdabu

- (1) Ubulungu beNdlu Yesifundazwe buyoba neSilo; kanye namalungu angekho ngaphansi kwamathathu futhi angevile kwayisikhombisa akhethwe kwindlu yesifunda ngayinye.
- (2) Indlu yesifunda ingaqoka ilungu elilodwa emalungwini alo eNdlu Yesifundazwe, emakhosini ayisithupha akuleyo ndlu yesifunda.
- (3) Ukukhetho oluyokwenzeka ngokwesigatshana somthethonqubo (1) kumele luqhutshwe ngokulandela imithethonqubo ekwiNgxenywe C.

14. Imihlangano yeNdlu Yesifundazwe

- (1) uNgqongqoshe kumele akhiphe isaziso sokubiza umhlangano wokuqala weNdlu Yesifundazwe emva kokuba imiphakathi emiswe ngokwenqubo yoMdabu engamashumi amahlanu isiyamukeliwe, nangemuva kokuba amalungu eNdlu Yesifundazwe esekhethiwe esibalweni esiyiningi lezindlu zesifunda.
- (2) Esazisweni esikhishiwe ngokwesigatshana sesomthethonqubo (1) uNgqongqoshe kumele asho usuku, isikhathi kanye nendawo yalowo mhlangano, nokumele kungabi yizinsuku ezingaphansi kwezisikhombisa futhi zingevi ezinsukwini ezingamashumi amathathu emva kokukhishwa kwesaziso kwigazethi.
- (3) Imihlangano ejwayelekile yeNdlu Yesifundazwe ibizwa wuMphathisihlalo, nokumele ayise isaziso esibhaliwe kulelo nalelo lungu okungenani ezinsukwini ezine ngaphambi kosuku lomhlangano. Isaziso kumele siyiswe endaweni yokuhlala ejwayelekile yelungu ngalinye, noma indawo eshiwo yilungu ngokubhala phansi.
- (4) Yonke imihlangano yeNdlu Yesifundazwe iyovuleleka emphakathini: inqobo nje uma lo mthethonqubo ungeyukusetshenziswa uma isizathu salokho sigculisa, kubhekwa ubunjalo bendaba eyobe idingidwa kulowo mhlangano.
- (5) INdlu Yesifundazwe kumele ihlangane okungenani izikhathi ezine ngonyaka, bese emuva kwalokho ihlangane ngokwesidingo, ukuqhuba imisebenzi yayo njengokoMthetho.
- (6) Ukuze amalungu eNdlu Yesifundazwe avumeleke ukuqhuba imisebenzi, kumele anikezwe amakhophi anoma yimiphi imibhalo efanele, umthetho osalindiwe, umthethosivivinyo okukhulunywe ngakho kwisigatshana 34(1) soMthetho okungenani ezinsukwini eziyisikhombisa ngaphambi kokuba indlu ihlale icubungule lowo mbhalo, umthetho osalindiwe kanye nomthethosivivinyo.
- (7) uMphathisihlalo kumele abize umhlangano ophuthuma isipesheli eNdlini Yesifundazwe —
 - (a) uma lowo mhlangano unesidingo ukuze indlu ikwazi ukwenza imisebenzi yayo eshiwo esigabeni 34(1) no (3) soMthetho, nokumele kwenzeka ngokwezilinganiso ezifanele zesikhathi; noma
 - (b) kucele amalungu ayiningi; noma
 - (c) uNgqongqoshe ebona ukuthi umhlangano onjalo uyadingeka ngokwesimo.
- (8) Umhlangano ophuthumayo oyisipesheli weNdlu Yesifundazwe ungabizwa esikhathini esingangezinsuku ezingaphansi kwazine kunoma yiziphi izimo ezibalulwe esigatshaneni (7), uma zikhona.
- (9) INdlu Yesifundazwe ingenza imithetho nemiyalelo ehlangene nokuphathwa komsebenzi wangaphakathi nezinqubo.
- (10) Ikhoram (inani labantu elanele ukuthi umhlangano ungaqhubeka) yeNdlu Yesifundazwe ingaba okungenani yingxenywe eyodwa kokuthathu yamalungu aleyo ndlu ukuze kume umhlangano osemthethweni, kanti futhi kumele kube wukuthi okungenani yenza ingxenywe enguhhafu yamalungu aleyo ndlu uma ivotela noma yiluphi udaba olusemandleni alo.
- (11) Zonke izinqumo zeNdlu Yesifundazwe zithathwa yiningi lamalungu akhona kulowo mhlangano.
- (12) Amalungu kuphela angakhuluma noma avote ngezikhathi zemihlangano yeNdlu Yesifundazwe: Inqobo nje uma amalungu omphakathi engakhuluma endlini yendawo uma evumelekile ukwenza lokho ngokwesivumelwano sendlu.
- (13) INdlu Yesifundazwe ingaphakamisa ukubiza umhlangano wokubonisana ngezinhlalo zokubonisana namalungu omphakathi, kodwa leyo mhlangano iyoba ngeyokubonisana kuphela futhi ayiyukuma ngokusemthethweni.
- (14) Kulo mthethonqubo "umhlangano" usho yonke imihlangano yeNdlu Yesifundazwe namakomidi akhona.

15. Ikomidi elilawulayo leNdlu Yesifundazwe

- (1) iNdlu Yesifundazwe ingasungula ikomidi elilawulayo, nokumele libe nenani lamalungu angekho ngaphansi kwamahlanu futhi angevile kwayishumi uma esephelele.
- (2) Ikomidi elilawulayo liyokuba noMphathisihlalo, iphini likaMphathisihlalo kanye namanye amalungu akhethwe yiNdlu Yesifundazwe.

- (3) Ikomidi elilawulayo liyokuba nemisebenzi eliyithweswe noma eliyikezwe yiNdlu Yesifundazwe.
- (4) Ukukhethwa kwamalungu ekomidi elilawulayo kumele kuqhutshwe ngokulandela imithethonqubo yokhetho ememezelve yiLungu Lomkhandlu Eliphethe.

16. Ukuzibophezela ukuqala ukusebenza

- (1) Amalungu asanda kukhethwa emikhandlu emiswe ngokwenqubo yzoMdabu elawulayo, izindlu zesifunda kanye neNdlu Yesifundazwe kumele agcwalise, futhi asayine noma enze umaka kwifomu efana kakhulu nale ekwisiThasiselo 2 ngenkathi enza isifungo noma evuma njengoba kusho isigaba 43 soMthetho.

INGXENYE C – UKHETHO

17. Lapho Kuzosebenza Khona Ingxenye C

- (1) Le ngxenye izosebenza —
 - (a) okhethweni lemikhandlu emiswe ngokwenqubo yoMdabu;
 - (b) okhethweni lamakomidi alawulayo ezindlu zesifunda;
 - (c) okhethweni lwamalungu ezindlu zesifunda ekhethelwa ukuba seNdlini Yesifundazwe;
 - (d) okhethweni lwekomidi elilawulayo lesiFundazwe.

18. Ukuqashwa kwabazimele abazosingatha ukhetho

- (1) UMnyango kumele uqashe inhlangano ezimele ezophatha noma yiluphi ukhetho olushiwo kule mithethonqubo. Uhlelo lokuqashwa luzofaka ukuphakanyiswa kwabazongenela ukhetho, ukumenyenzelwa kwemiphumela kanye nokugoqwa kwanoma yiziphi izimpikiswano nezikhalo ezingavuka ngesikhathi sokhetho.
- (2) Emva kokunqunywa kosuku lokhetho, uMnyango ungacela iKhomishana Ezimele Yokhetho ukuba iqashwe njengabazosingatha ukhetho, kanti uma kungenzeki lokho uMnyango kumele uqashe abazimele abazosingatha ukhetho ngezinqubo ezisemthethweni zohlelo lokutholakala kwabahlinzeka ngemisebenzi ezisetshenziswayo ngaleso sikhathi.
- (3) Ekuqasheni inhlangano ezimele ezosingatha ukhetho uMnyango kumele uqikekele okulandelayo —
 - (a) isipiliyoni nokujwayela ukwenza imisebenzi eqondene nokhetho;
 - (b) ukukwazi kwenhlangano ukufeza lokho okuyizibopho;
 - (c) ukujwayelana kwenhlangano ezimele nemiphakathi yoMdabu kanye nobuholi boMdabu;
 - (d) ukujwayelana kwenhlangano ezimele nemithetho ephathelene namasiko zoMdabu;
 - (e) noma yiziphi ezinye izinto uMnyango ongazithatha njengezinesidingo ekuhlanganiseni imibhalo yamathenda.

19. Ukumenyenzelwa nokulungiselelwa kokhetho

- (1) UNgqongqoshe ophethe kumele amemezele usuku lokhetho lomkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu futhi abeke ilanga elilodwa nosuku lokuvota.
- (2) Ilanga elimenyenzeliwe nosuku lokhetho kumele lukhishwe kwigazethi futhi lunikeze okungenani izinsuku ezingamashumi ayisithupha ukuze kuhambisane nohlelo lwezikhathi zokuvota.
- (3) Emva kokumenyenzelwa kosuku lokuvota, uhlelo lwezikhathi zokuvota kumele lwakhiwe yinhlangano ezimele ezosingatha ukhetho ngokubonisana noNgqongqoshe ophethe. uNgqongqoshe ophethe kumele likhiphe uhlelo lwezikhathi zokuvota kwigazethi.
- (4) Uhlelo lwezikhathi zokuvota lungachitshiyelwa yinhlangano ezimele esingethe ukhetho ngesaziso kwigazethi uma lokho ikubona kuyisidingo ekubeni nokhetho olukhululekile nelinobulungiswa kumbe uma usuku lokuvota luhlehliwiwe.
- (5) Ukhetho okujwayelekile nje noma ukhetho lomkhandlu wezoMdabu lungahlehliswa kuphela ngaphambi kosuku olumenyenzeliwe lokhetho uma inhlangano ezimele yokhetho ngokubonisana neNhloko YoMnyango, noma umsebenzi onikezwe yiyo lowo msebenzi, ibona ukuthi ukuqhubeka nokhetho kungalimaza ukuqhubeka kobulungiswa, ukuhleleka, ukuthula nokuphepha, kanti kuyofanele yazise uNgqongqoshe ophethe ngokukhulu ukuphuthuma.
- (6) Ekuhleleni kokhetho ngokwanoma yisiphi isizathu esibalulwe kumtheshwananqubo (5), uNgqongqoshe ophethe kumele enze isinqumo sakhe saziwe nganoma yiyiphi indlela elungile nezoqinisekisa ukwaziseka okwanele kokuhlehla futhi libeke olunye usuku, kanti lolo suku kumele ludalulwe kwigazethi: Inqobo nje uma usuku olusha olumenyenzeliwe lumenyenzelwe zingakapheli izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye ngaphambi kokuphela kwesikhathi sokusebenza komkhandlu omiswe ngokwenqubo yoMdabu okhona ngaleso sikhathi.
- (7) UNgqongqoshe ophethe angathi ngokushicilela isaziso kugazethi, anciphise noma yisiphi isikhathi esibekwe yile mithethonqubo okhethweni lokuqala lomkhandlu woboMdabu, kusukela ekusebenzeni koMthetho.

20. Iingelo lokuvota

- (1) Umuntu ofisa ukubamba iqhaza okhethweni lwanoma iyiphi indlu emiswe ngokwenqubo yoMdabu kumele —
 - (a) abe yisakhumuzi seRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika;
 - (b) abe ngumhlali wasendaweni yomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu okuqondwene naso;
 - (c) abe nomazisi;

- (d) abe neminyaka eyishumi nesishiyagalombili noma ngaphezulu; futhi
- (e) kube ubhalisiwe ohlwini lwabavoti lomphakathi omiswe ngokwenqubo yoMdabu.

21. Iungelo lokuphakanyiswa

- (1) Umuntu ofuna ukumela ukhetho njengomunye wabakhankasele ukukhethelwa eMkhandlwini omiswe ngokwenqubo yzoMdabu yanoma yimuphi umphakathi kufanele:-
 - (a) abe ngohlala ngokuphelele kulowo mphakathi okuzokwenziwa kuwo ukhetho;
 - (b) afakazise ukuthi uneminyaka okungenani eyishumi nesishiyagalombili yobudala;
 - (c) abe nomazisi;
 - (d) igama lakhe livele ohlwini lwabavoti balowo mphakathi;
 - (e) kube umuntu ongakaze alahlwe yicala waze walidonsele isigwebo esingangezinyanga eziyishumi nangaphezulu, futhi engalinikwanga nelungelo lokubheya; okungaba yicala eliphathelene nokungathembeki, ukuphehla udweshu, noma yicala eliphathelene nodlame kumbe ukuphazamisa ukuthula emphakathini; ngaphandle kokuba lokhu sekuneminyaka emihlanu kwenzeka njengalokhu kuhlinzekelwe uMthethosisekelo waseNingizimu Afrika.
 - (f) Kungabi ngosevele ekhethiwe iNkosi njengokulandisa kwesigaba sesi-6 (3)(a) soMthetho, kanye nomthethonqubo we-7.
- (2) Ukwamukelwa kokuphakanyiswa kwegama kuyokwenziwa ngokugcwaliswa kwefomu, futhi kusayindelwe khona embizweni. Uma kwenzeka ukuthi ophakanyisiwe ubengekho embizweni, kuyakuthi uma abavoti, okungenani abangamashumi amabili, ababhaliswe ngokusemthethweni, futhi bekhona nabo embizweni, sebekhombise ngezandla ukuthi bayameseka, naye-ke useyoletha esakhe isiqinisekiso esivumelana nokuphakanyiswa kwegama lakhe. Lokhu kuyokwenziwa ngokuhambisana nesikhathi esiklanyelwe ukhetho.

22. Ukuphakanyiswa nokuqokwa kwabangenele ukhetho

- (1) Inkosi iyobiza futhi yengamele imbizo ukuze inhlango yokhetho ezimele iqhube umsebenzi wokuphakanyiswa kwamagama abalo abazongenela ukhetho, ukuze kuhanjiswa nesikhathi ebese sazisiwe sohlelo lokhetho.
- (2) Labo asebephakanyiselwe ukhetho njengokulandisa kwesigaba 6(3)(6) soMthetho, ufundwa kanyekanye nomthethonqubo 8, bayophakanyiswa ngomlomo yilowo owenza isiphakamiso, basekelwe ngokuphakanyiswa kwezandla ngabantu okungenani ababili, bonke labo kube abavoti ababhalisiwe ngokusemthethweni, bevela kuwo lowo mphakathi wzoMdabu, futhi bebe bekhona geqele labo embizweni.
- (3) Abaphakanyisiwe mabakwemukele lokhu kuphakanyiswa kwamagama abo ngokuba bagcwalise ifomu elifanele lokuvuma, lokhu kuhambisane nesikhathi esibekiwe sokhetho. Leli fomu malifane ncamashi no Fomu 1 weSithasiselo 9, libe-
 - (a) isiginesha noma uphawu lwalowo ophakanyisiwe;
 - (b) isiginesha yesikhulu senhlango ezimele eyengamele ukhetho;
 - (c) amasiginesha ofakazi ababili abakhona ngesikhathi kuphakanyiswa amagama;
 - (d) igama/amagama nesibongo salowo ophakanyisiwe njengoba evela kumazisi;
 - (e) inombolo kamazisi wophakanyisiwe;
 - (f) noma yiliphi elinye igama noma-ke isidlaliso esemukelekile aziwa ngaso emphakathini lowo ophakanyisiwe;
 - (g) ikheli lalapho ehlala khona, kufakwe nesigodi asakheleyo;
 - (h) usuku lokuphakanyiswa;
 - (i) isiqinisekiso sokuthi uyakwamukela ukuphakanyiswa ukuba amele ukhetho, nokuthi ongenele ukhetho uyakuqonda ukuthi ukuphakanyiswa kwegama lakhe kwenzelwe kuphela lolo lukhetho kumbe ukhetho lokuchibiyela lwangaleso sikhathi, akuphathelene nokhetho oluyobuyela lwenziwe kamuva, nalolo oselwake lwenziwa ngaphambili; kanye
 - (j) neminingwane eyotholwa kuyo ophakanyisiwe (uma ingatholakala);
- (4) Abaphakanyisiwe bengekho kuyofanele balethe okuqinisekiso ukuthi bayakwemukela ukuphakanyiswa kwabo njengoba kuhlinzekelwe kumthethonqubo 21(2).
- (5) Ithimba elizimele elengamele ukhetho liyoqopha phansi konke okwenzekileyo likuhambise emnyangweni. Labo abaphakanyisiwe bengekho bayoletha okufakazisa ukwamukela kwabo ukuphakanyiswa, zingakapheli izinsuku ezinhlanu emva kwembizo, futhi ithimba elizimele elengamele ukhetho liyokuqopha phansi ukuthi lowo ophakanyisiwe engekho embizweni, wesekeliwe abavoti okungenani abangamashumi amabili abebekhona embizweni.
- (6) Lapho kuphakanyiswa amagama, ithimba elizimele elengamele ukhetho liyoqinisekisa ukuthi inani elifunekayo labesilisa nabesifazane litholakele, nokuthi lowo nalowo ophakanyisiwe ulisayinile ifomu lokwamukela kwakhe ukuphakanyiswa, efo-mini elifana ncamashi no Fomu 2, weSithasiselo 9.
- (7) Inani eliphezulu elingujuqu liyokuba inani lamakhansela abakhethiwe adingekayo kulowo nalowo Mkhandlu WezoMdabu, lengezwe ngabayishumi ngaphezulu.
- (8) Akekho oyochitha noma aphikisane nanoma yimuphi ophakanyisiwe futhi wasekelwa embizweni, ngaphandle kokuba lowo ophakanyisiwe enqatshelwa yimibandela equkethwe yile mithethonqubo noma yimuphi-ke omunye umthetho ohambisana nalokhu.
- (9) Lapho kuqokwa labo abayisilinganiso sama 60% abadingekayo ngokwesigaba 6(3)(a) soMthetho, Inkosi iyokwenza lokhu okulandelayo —

- (a) iyokwazisa lelothemba lokhetho elizimele elikhethiwe ngalokho kuqokwa, futhi ifune usizo lwaleli themba ekwenzeni lomsebenzi ngendlela engancikile emibandeleni ethile yokwenzela, kanye nokufakazelwa yilo leli themba lokhetho, ukuze kuqinisekise ukuhambisana kwalokhu nalokho okuhlinzekelwe umyalelo wesi 5 wale mithethonqubo;
 - (b) iyokwazisa labo ebaqokile ukuthi ubukhansela babo buqala ukusebenza kuphela uma wonke umsebenzi wokuqinisekiswa kwemininingwane usuphuthuliwe, futhi nabo sebefungisiwe babekwa ngokusemthethweni ezikhundleni;
 - (c) iyohambisana nombandela wokuqokwa kwenani elincane elingujuqu lomuntu oyedwa wesifazane kwabathathu abaqokelwa emkhandlwini;
 - (d) iyokwenza ukuba aziwe amagama alabo abangama 60% ebaqokile ukuba amalunga omkhandlu, nasebeqinisekisiwe ithimba elizimele elengamele ukhetho njengokulandisa komthethonqubo 5; futhi
 - (e) iyokhuthaza umphakathi ukuba wesekele ukubanjwa kweqhaza ngabantu abadala nabasha, kanye nalabo abakhubazekile ngokomzimba.
- (10) Inkosi iyowethula embizweni amalunga omkhandlu wzoMdabu ewaqokile.
- (11) Ithemba lokhetho maliqiniseke ukuthi bonke abaphakanyisiwe bayayiqonda kahle le mithethonqubo, nendlela yokuziphatha kanye nalokho okuhlinzekelwe uMthetho ngaphambi kosuku lokhetho.
- (12) Uma kuvela isikhala njengokulawula kwesigaba sesi 7(1) soMthetho, lesi sikhala sekhansela kumele sigwaliswe. Umphathi wehhovisi lomkhandlu wzoMdabu noma Inkosi uqobo, bayokwazisa umnyango ngencwadi ngalesi sikhala nembangela yaso, osekuyothi emva kwalokho Inkosi iqoke ozosigwalisa embizweni, singakapheli lesi sikhathi esinqunywe uMthetho, bese ewazisa umnyango ngokuqokwa kwekhansela okusha.

23. Ukumiswa kwezikhungo zokuvota

- (1) UMnyango kufanele uklame umngcele wendawo yalowo nalowo mphakathi wzoMdabu, futhi ukhombise izikhungo zokuvota zesifunda, kuleso naleso sigodi somphakathi wzoMdabu, ukuze unqume ukuthi zizoba ngaki izikhungo zokuvota emphakathini ngamunye.
- (2) Makumiswe isikhungo sokuvota esiseduze nezakhamizi kuleso naleso sigodi. Ithemba elizimele elengamele ukhetho linganquma ukuthi sikhona yini isidingo sokwengeza izikhungo zokuvota esigodini, uma lokhu kudingeka.
- (3) Leso naleso sikhungo masihambisane nalokho okuhlinzekelwe isigaba sama 64 soMthetho Wokhetho, kanye nemithethonqubo eyenziwe ngokulandisa kwalowo Mthetho.

24. Abasebenzi bokhetho

- (1) Leso naleso sikhungo sokuvota siyophathwa abasebenzi abaqashwe yithimba elizimele lokhetho, futhi abawufanele lowo msebenzi nabavela kuwo lowo mphakathi okuzokwenziwa kuwo ukhetho.
- (2) Ukuze umuntu afanele ukuqashelwa ukuba umsebenzi wokhetho kumele ukuba abonise ukuthi —
 - ubhalisele ukuvota esikhungweni lapho ezobekwa khona;
 - (a) akasebenzeli nanoma yimuphi kulabo asebhaphakanyiselwe ukukhankasela ukhetho;
 - (b) akalungenele yena ukhetho;
 - (c) akanaso isikhundla eqenjini lezombusazwe;
 - (d) akalona ilunga lanoma yisiphi isishayamthetho; futhi
 - (e) uyahlangabezana nezidingo zeqophelo lemfundo, noma-ke eminye imibandela emiswe ithimba elizimele lokhetho.
- (3) Leso naleso sikhungo sokuvota siyoba nalaba basebenzi —
 - (a) isikhulu esengamele ukhetho;
 - (b) iphini lesikhulu esengamele ukhetho; kanye
 - (c) nenani elanele labasebenzi bokwesekela, kumbandakanya abasebenzi bokuvotisa kanye nababalayo.
- (4) Abasebenzi abavotisiyo nababalayo yibo ababhekene nakho konke okwenziwa kuleso naleso sikhungo, kumbandakanya okulandelayo nokunye ngaphezulu kwakho —
 - (a) Ukuqinisekisa ukuthi umuntu ubhaliswe ngokusemthethweni;
 - (b) ukugxivizwa nokukhishwa kwamaphepha okuvota;
 - (c) ukuphawulwa kwabavoti ngophawu olukhombisiyo;
 - (d) ukusiza abavoti abadinga usizo;
 - (e) ukuqinisekisa ukuthi amaphepha okuvota afakwa ebhokisini lamavoti;
 - (f) ukuqinisekisa ukuthi lawo mabhokisi amavoti asegcwele avalwa ngezinamatheliso, abekwe endaweni ephophile esikhungweni sokuvota; kanye
 - (g) nokubalwa kwamaphepha okuvota.
- (5) Isikhulu esengamele ukhetho sibhekene —
 - (a) nokuphathwa, ukuhlelwa kanye nokubheka ukuvota esikhungweni.
 - (b) ukuthatha izinyathelo eziphusile ukuze kuqinisekise ukuziphatha ngendlela ehlelekile esikhungweni.

- (6) Isikhulu esengamele ukhetho —
- singanika umsebenzi oqaphe ukuphepha umyalelo wokuba asize ekuqinisekiseni ukuziphatha kwabantu ngendlela ehlelekile ngaphakathi esikhungweni;
 - uma kunezizathu ezizwakalyo, singamkhiphela umuntu ngaphandle kwemingcele yesikhungo, futhi
 - singenza zonke izinqumo nezincwadi ngokuphathelene nezimpikiswano, noma yiluphi olunye udaba oluphathelene nomsebenzi wokuvota esikhungweni, kumbandakanya nokuthi impikiswano ingadluliselwa yini noma ingedluliselwe eSigungwini Sokulalela Amacala esiqokwe ngokwemibandela yale mithethonqubo.
- (7) Abasebenzi bokhetho bayothobela Inqubo Yokuziphatha ebekwe kuSithasiselo 4 sale mithethonqubo.
- (8) Ithimba lokhetho elizimele liyoyekisa umsebenzi noma yimuphi umsebenzi wokhetho owephule iNqubo Yokuziphatha njen-goba ibekwe kuSithasiselo 4 sale mithethonqubo, uma kungukuthi lokho kumiswa kulandele indlela enobulungisa neyemukelekile.
- (9) Kungumsebenzi wethimba elizimele elengamele ukhetho ukuqeqesha abasebenzi bokhetho abazotshalwa kuleso naleso sikhungo, nokunikezela abasebenzi ngezidingo zokuvota ezikhonjwe kuSithasiselo 5 sale mithethonqubo.
- (10) Abasebenzi bokhetho bayoqashwa futhi baphathwe yithimba lokhetho elizimele, ngaphansi kwaleyo mibandela eyobekwa yilo ithimba, futhi yiyo le mibandela eyonquma ngamalungelo nezibopho zabo. uMnyango awunayo inkontileka ewujubayo ukuthi ungenelele kumbe ubhekane nodaba lwempikiswano engavela phakathi kwethimba lokhetho elizimele kanye nomuntu elimqashileyo.
- (11) Lapho kuqashwa abasebenzi bokhetho emphakathini wendawo, ithimba lokhetho liyokwenza lokho ngendlela engakhethi, nenokulinganisa, futhi bagweme izenzo ezingahle zibukeke njengezivunayo, ukuqasha ngobuhlobo noma ukwenzelela.
- 25. Ukubhaliswa kwabavoti nokwenziwa kohla lwabo**
- Uhlu lwabavoti lwaleso naleso sikhungo sokuvota luyokwenziwa uMnyango ngaphambili kokuba iLungu Lomkhandlu Ophethe (uNgqongqoshe) ememezele usuku lokhetho: Ngombandela wokuthi ukubhaliswa kwabavoti kuyokwenziwa isigodi nesigodi kulowo nalowo mphakathi wzoMdabu.
 - uMnyango uyoqaphelisisa okuhlinzekelwe iSahluko sesi 2 soMthetho Wokhetho lapho usuwenza uhlu lwabavoti.
 - Uhlu lwabavoti olwenziwe ngokomtheshwananqubo (1) ngenhla, luyoqinisekiswa uNgqongqoshe ngosuku lolo olubekwe ohlelweni lwesikhathi sokhetho.
- 26. Impahla Yokuvota**
- Inhlangano ezimele yokhetho iyoqinisekisa ukuthi kuleso naleso sikhungo, zanele lezo zinto ezisosetshenziswa lapho kuvotwa, kumbandakanya nalezo ezibaluliwe kuSithasiselo 5 sale mithethonqubo.
- 27. Ukuphathwa kokuqhubeka kokhetho**
- uMnyango yiyo oyokwengamela, futhi uqaphe umsebenzi wokuvota, ukusebenza kwethimba elizimele lokhetho, nezinye izindaba ezingaqhamuka ngaleso sikhathi.
 - Ukhetho luyophathwa yinhlangano ezimele yokhetho ukuze kuqinisekise ukhetho olukhululekile nolungakhethi njengoba kubekiwe kumithethonqubo.
 - uMnyango kumele uhlinzekele ukhetho ngezimali ulandela isabelozimali esivezwe yithimba lokhetho elizimele, futhi savun-ywa uMnyango ngokulandela imibandela ehambisana namathenda.
 - uMnyango unganikezela ngabasebenzi ukuba balekelele ithimba lokhetho ekuphathweni nasekwenziweni kokhetho.
- 28. Amahora okuvota**
- Amahora okuvota asukela ensimbini yesi 07h00 kuya kweyesi 19h00 ntambama; ngaphandle kokuba uNgqongqoshe enqume ngenye indlela esimemezeleni asenze kwigazethi.
- 29. Imingcele yezikhungo zokuvota**
- Ngosuku lokuvota, isikhulu esengamele ukhetho siyonquma umngcele wesikhungo emva kokubonisana neNkosi, kun-gakaqali ukuvota.
 - Isikhulu sengamele ukhetho siyowuklama umngcele wesikhungo ngokuba sisebenzise izimpawu ezibonakalayo, omaka noma ithephu ebekwe yagudla umngcele, kumbe ebekwe ezikheleni ezanele ekugudleni umngcele, lapho kunokwenzeka khona.
- 30. Izikhungo zokuvota ezingomahambanendlwana**
- Uma kunesidingo, ithimba elizimele elengamele ukhetho linganquma ukusebenzisa izikhungo ezingomahambanendlwana ukwengeza, noma isikhundleni salezo ezingagudluki, futhi liyokwenza isimemezelo esicacile emphakathini mayelana nezindlela ezizohanjwa, nezikhathi nezindawo izikhungo ezingomahambanendlwana eziyoba kuzo.
 - Izindlela zokusebenza ezibalulwe ezigabeni 31 nasesigabeni 32 sale mithethonqubo ziyolandelwa lapho kusetshenziswa isikhungo esingomahambanendlwana.
- 31. Izinqubo zangasekuqaleni**
- Ngaphambidlana kancane kokuba kuvulwe isikhungo sokuvota, isikhulu esiphethe ukhetho siyokhombisa zonke izingqapheli

ezigunyaziwe nalabo abakhankasele ukhetho abakhona ukuthi lelo nalelo bhokisi lokuvota elizosetshenziswa kuleso sikhungo kalinalutho.

- (2) Uma labo abakhona sebenelisiwe ukuthi ibhokisi lokuvota alinalutho, isikhulu esiphethe ukhetho siyokulivala lelo bhokisi ngesinamatheliso esenziwe futhi sanikezelwa ukuba senze wona lowo msebenzi.

32. Inqubo yokuvota

- (1) Ovatayo angavota —
- okhethweni kuphela kuleso sikhungo sokuvota esisesifundeni sokuvota abhaliswe kuso ngokomthetho; futhi
 - avote kanye kulolo khetho.
- (2) Ovatayo angavota esikhungweni sokuvota —
- uma eveza umazisi wakhe ewukhombisa isikhulu esiphethe ukhetho noma umsebenzi wokhetho esikhungweni sokuvota; futhi
 - negama lakhe livela ohlwini oluqinisekisiwe lwabavoti lwalweso sifunda sokuvota esimiselwe leso sikhungo.
- (3) Lapho ovatayo eveza umazisi wakhe kulowo owengamele ukhetho noma umsebenzi wokhetho, labo bayohlola umazisi wakhe bese benquma ukuthi —
- nguyena ngempela yini lona ovatayo okhonjiswa umazisi awuphethayo.
 - igama lakhe liyavela yini ohlwini lwabavoti oluqinisekisiwe lwaleso sikhungo sokuvota; futhi
 - lowo ovatayo ubengakaze yini avote kulolu khetho.
- (3) Uma owengamele ukhetho, kumbe umsebenzi wokhetho esenelisiwe yile mibandela ebalulwe esigatshaneni sesi (3), lowo msebenzi —
- uyogqophisa phansi ukuthi lowo mvoti usethathwa njengosevotile okhethweni;
 - aphawule isandla sakhe ovatayo ngomaka oshiwo kumthethonqubo 35;
 - agxivize ngesitembu esisemthethweni emhlanje wephepha lokuvota afanele ukunikwa lona ovatayo.
 - anikezele ovatayo iphepha lokuvota.
- (4) Uma ovatayo eselitholile iphepha lokuvota elimakwe njengoba kulandisa isigatshana sesi (4)(c), ovatayo —
- useyongena egunjini elingenamuntu lokuvota.;
 - afake uphawu ephepheni lokuvota eyedwa, ngendlela eyokwenza kucace ukuthi ngubani kwabakhankasele ukhetho ovatayo afisa ukumvotela;
 - agoqe iphepha lokuvota ukuze afihle ivoti lakhe;
 - ahambise iphepha lokuvota ebhokisini lalo, akhombise owengamele ukhetho noma umsebenzi ovotisayo ngendlela eyokwenza ukuthi umsebenzi asibone kahle isigxivizo esigxivizwe njengoba kulandisa isigatshana (4)(c);
 - afake iphepha lokuvota ebhokisini lamavoti; bese
 - kuthi ngaphandle kokulinda, aphume esikhungweni sokuvota.
- (6) Ukuvota kuyokwenziwa ngendlela eyimfihlo.

33. Usizo kubavoti abathize

- (1) Umuntu nje omunye, okungesiye owengamele ukhetho kumbe umsebenzi ovotisayo, angakwazi ukumsiza ovatayo kuphela uma —
- ovotayo eludinga lolo lusizo ngenxa yokukhubazeka emzimbeni;
 - lowo ovatayo ecelile ukuba asizwe yilowo muntu; futhi
 - isikhulu esengamele ukhetho senelisiwe ukuthi lowo onikezela omunye usizo —
 - okungenani uneminyaka eyi 18; futhi
 - akayona ingqapheli noma okhankasele ukhetho.
- (2) Isikhulu esengamele ukhetho kumbe umsebenzi ovotisayo angamsiza ovatayo ukuba avote, noma bamnikezele usizo lolo aludingayo, uma yena elucela, lokho kwenziwe phambi komuntu —
- oqokwe ingqapheli esemthethweni uma ekhona; kanye
 - nomsebenzi esivotisayo.
- (3) Uma kulandelwa lo mthethonqubo, kumele kwenziwe konke okusemandleni ukuba imfihlo yevoti ebalulwe kumthethonqubo 32(6) ihlonishwe.

34. Ukukhishwa kwamaphepha okuvota

- (1) Uma kwenzeka ovatayo ona iphepha lokuvota ngokulimaka ngendlela engakhombisi ngokucacile ukuthi ubani afisa ukumvotela, futhi nephepha lokuvota libe lingakafakwa ebhokisini lamavoti, ovatayo angalibuyisela esikhulwini esengamele ukhetho kumbe umsebenzi wokhetho lelo phepha.

- (2) Lapho isikhulu esengamele ukhetho, kumbe umsebenzi semukela lelo phepha, sebeyolimaka ngombhalo othi "likhanseliwe" emhlangane walo, bese belifaka efayilini balehluhanise.

35. Ukufakwa kophawu esandleni

- (1) Isandla salowo ovtotayo siyophawulwa ngokuba sidwetsiwe umugqa omfishane ngoyinki esithupheni sesandla sokunxele, naphezu kozipho lwaso.
- (2) Uma kungukuthi ovtotayo akanaso isithupha esandleni sesinxele noma ozisheni lwaso, noma-ke kungukuthi ukumakwa kwaso kungenzeke ngenxa yokulimala, isifo esithile noma kungenxa yanoma yisiphi esinye isizathu, sekuyomakwa noma ngumuphi umunwe wesandla sesinxele noma esokudla kanye nozipho lwawo.
- (3) Uma kungukuthi ngenxa yesinye salezi zizathu ezibalwe esigatshaneni sesi (2), awukho umunwe noma uzipho lwalowo ovtotayo ulungaphawulwa, isikhulu esengamele ukhetho siyoqopha phansi igama lakhe lowo mvoti, ikheli, inamba kamazisi, kanye nezizathu ezenze ukuba isandla sakhe singakwazi ukumakwa.

36. Ukuvalwa kwamabhokisi okuvota

- (1) Masinyane emva kokuba amabhokisi okuvota egcwele, owengamele ukhetho makawavale ngesinamatheliso; uyophinde avale ngesinamatheliso futhi ibhokisi obesekukhishwa kulo iphepha lokugcina lokuvota, kanjalo nalawo mabhokisi okuvota anamaphepha angazange asebenze.
- (2) Ibhokisi lamavoti elivaliwe liyohlala linjalo, futhi lingaphakathi kwesikhungo sokuvota kuze kubalwe amavoti.

37. Ukuqedelwa kwesitatimende samaphepha okuvota kanye nokuvalwa kwempahla yokuvota

- (1) Ngokushesha okunokwenzeka, emva kokuba sekuvaliwe ukuvota esikhungweni, kuyakuthi phambi kwezinqopheli nabakhankasele ukhetho abakhona, isikhulu esengamele ukhetho —
- (a) sigcwalise isitatimende samaphepha okuvota efomini elifana ncamashi no fomu 3 weSithasiselo 9 sale mithethonqubo, futhi sibonise nenani —
- (i) lamabhokisi amaphepha okuvota abekade enikezwe leso sikhulu esengamele;
- (ii) lamabhokisi amaphepha okuvota asebenzile;
- (iii) lamabhokisi amaphepha okuvota angazange asebenze;
- (iv) lamaphepha okuvota abekade enikezwe leso sikhulu esengamele;
- (v) lamaphepha okuvota akhishiwe;
- (vi) lamaphepha okuvota angasebenzanga; kanye
- (vii) nelalawo maphepha okuvota akhanseliwe.
- (b) kumele sivale lelo nalelo bhokisi lamaphepha okuvota ebekade silinikiwe kodwa alangabe lisasebenza;
- (b) sivalele ezitsheni ezahlukene lokhu okulandelayo —
- (i) uhlu lwabavoti oluqinisekisiwe lwaleso sifunda;
- (ii) amaphepha okuvota angasetshenziswanga abenikezwe leso sikhulu esengamele ukhetho; kanye
- (iii) namaphepha okuvota akhanseliwe.

38. Indlela yokubala amavoti

- (1) Isikhulu esengamele ukhetho siyosebenza njengesikhulu sokubala amavoti.
- (2) Isikhulu esibalayo masiqiniseke ukuthi inqubo ehlinzekelwe Kule mithethonqubo iyaqala ukusebenza ngokushesha okunokwenzeka emva kokuba sekuvaliwe ukuvota esikhungweni, futhi kuyonanyathelwa kuyo ingaphazanyiswa, kuze kuphothulwe.
- (3) Isikhulu esibalayo masihlale ukuthi izinamatheliso kulokho okunanyathelisiwe azikaze zithintwe, ngaphambi kokuba kuqale ukuvota.
- (4) Uma esezihlalele izinamatheliso, isikhulu sokubala masivule wonke lawo mabhokisi amaphepha okuvota nezistha ezisavaliwe, futhi masibhekane nakho konke okungahambile ngendlela kanye namaphutha atholakalayo, kuthi-ke uma kusolakala ukuthi kukhona okuke kwathintwa ngokungemthetho kumbe okwedukile, isikhulu sokubala sicele usizo komunye walabo abaqaphe ukuthula ukuze kuphenywe ngalolo daba, futhi asisize nasekuhlwayweni lokho okulahlakile.
- (4) Uma kungekho maphutha atholakalayo, isikhulu sokubala siyowavula wonke amabhokisi asavaliwe, futhi silichithe iphepha lokuvota elikhombisa —
- (a) ukuthi ngubani ovtotile;
- (b) ivoti elifakelwe abakhankasi abaningi lilinye;
- (c) alinawo maka, noma elimakwe ngendlela yokuthi alikhombisi kahle ukuthi ngubani ovtotelwe;
- (c) ukuthi alinawo umaka osemthethweni emhlangane walo; noma
- (d) ukuthi alisilo iphepha lokuvota elisemthethweni.

39. Inqubo mayelana nemiphumela kanye nempahla yokuvota

- (1) Isikhulu sokubala amavoti masinqume ngemiphumela yamavoti aleso sikhungo sokuvota, futhi siqophe phansi leyo

miphumela ngokuba sigcwalise ifomu lemiphumela okuyoba yifomu elifana ncamashi nefomu 4 leSithasiselo 9, elikhombisa umphumela wokhetho olwenziwe kuleso sikhungo.

- (2) Isikhulu sokubala siyomemezela imiphumela yesikhashana yaleso sikhungo uma sesisigcwalisile isitatimende samaphepha okuvota
- (3) Uma isikhulu sokubala amavoti sesikwenzile lokho okushiwo isigatshana (1), siyoyivalela emabhokisini ahlukene yonke into esetshenziselwe ukuvota, kumbandakanya amaphepha okuvota asebenzile nangakasebenzi, isitatimende samaphepha okuvota, bese sizihambisa esikhungweni sesifunda sethimba elizimele lokhetho zonke lezi zitsha.
- (4) Uma imiphumela yaleso naleso sikhungo sokuvota isiyamukelwe yisifunda, sona-ke sesiyothumela yonke imiphumela yaso esizindeni sesifundazwe ukuze ithimba elizimele lokhetho likwazi ukumemezela imiphumela yokugcina embizweni ebhekene nalokho eyobizwa yiNkosi.
- (5) Imbizo eshiwo kumtheshwananqubo (4) iyokwenziwa zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa emva kokuba ithimba elizimele lokhetho selinqumile ngemiphumela yokugcina.

40. Ukulingana kwamavoti nokumeleleka

- (1) Emva kokubalwa kwawo wonke amavoti, nangaphambi kokumnyezelwa kwawo embizweni, ukubambana ngamavoti kuyoxazululwa ngokuba, kwenyulwe abe munye kusetshenziswa izimvalaphi ezifana ncamashi, ezifakwe phakathi amagama abhaliwe alabo ababambene ngamavoti
- (2) Amagama alabo ababambene ngamavoti ayofakwa ezimvalaphini ezifanayo yisikhulu sokubala amavoti, futhi ayotonyulwa ngendlela ngaphandle kokucabanga.
- (3) Ukutonyulwa kwemvalaphi kuyokwenganyelwa yiNkosi, kodwa kwenziwe yinhlangano yokhetho ezimele, okuyothi, isebenzisa ukubona kwayo, idumbe noma ngubani ukuba acoshe imvalaphi.
- (4) Esimweni lapho singatholalalanga khona isibalo esincane esingujuqu sokumeleleka kwabantu besifazane, kuyoba owesifazane oseyomenyezela njengonqobile, ukuze kuhlangekane nombandela wokumeleleka kahle ngokobulili, njengoba kuhlinzekelwe uMthetho: Ngaphandle kokuthi, uma kungabesifazane bodwa ababambene ngamavoti, kusayofanele kwenziwe lokhu kwenyulwa.
- (5) Imiphumela yalokhu kwenyulwa, isiyoba yingxenywe yemiphumela eyomenyezela embizweni ebizelwe lowo msebenzi.

41. Impikiswano okhethweni kanye nokufakwa kwezikhalo

- (1) Uma kwenzeka omunye wabaphathekayo okhethweni, kumbandakanya nengqapheli noma obemele ukhetho, efuna ukufaka isikhalo ngendlela elandeliwe ekuphathweni kokhetho noma imiphumela yalo, lokho uyokwenza ngokuba asibhale phansi isikhhalazo, asibhekise esikhulwini esengamela ukhetho kuleso sikhungo.
- (2) Isikhulu esengamele ukhetho siyosebenzisa isu lokulamula, noma elokuxoxisana ekuzameni ukuluthombulula, okuyothi uma lawo malinge ehluleka, isikhulu sokhetho senze esaso isinqumo.
- (3) Isikhulu esengamele ukhetho siyokubhala phansi ukuchithwa kwesithombululo kanye nesinqumo saso ngodaba lolo, futhi simazise ngomlomo nje ngaleso sinqumo lowo osichithile isithombululo.
- (4) Uma lowo ophikisayo enganelisiwe isinqumo sesikhulu sokhetho, uyofaka isicelo sokwedlulisela udaba lolo eSigungwini Sokulalela Amacala njengokulandisa komthethonqubo 42 wale mithethonqubo, engakapheli amahora angama 48 isikhulu sokhetho sisenzile isinqumo saso.

42. Ukumiswa kwesiGungu Sokulalela Amacala

- (1) Ngemuva kokuba uNgqongqoshe ememezele usuku lokhetho, useyomisa ngokushesha iSigungu Sokulalela Amacala esiyokwakiwa abantu abangengaphansi kwabathathu, futhi bangabi ngaphezulu kwabahlanu.
- (2) Abangamalunga alesu Sigungu makube ngabantu abafanelekile, futhi babe nalo ukungenani elilodwa kula makhono alandelayo —
 - (a) ulwazi ngokusebenza kwezomthetho;
 - (b) ulwazi ngokwenziwa kokhetho;
 - (c) ulwazi ngezindaba zobuholi boMdabu;
 - (d) ulwazi ngokulamula izimpikiswano; noma
 - (e) olunye ulwazi oluyobonwa uNgqongqoshe.
- (4) uNgqongqoshe uyokoka omunye wamalunga alesu Sigungu ukuba abe usihlalo wayo.
- (5) lesu sigungu siyozakhela sona izinhlelo zokwenza umsebenzi waso.
- (6) Lesu sigungu siyoba namandla phezu kwazo zonke izindaba ezithinta ukhetho, nezindaba zokwekwepulwa kweNqubo Yokuziphatha eziyodluliselwa kuso, futhi siyothatha noma yisiphi isinqumo kanjalo sinikezele isijeziso esifanele ngokunakisisa neminye imithetho nemithethonqubo ethintekayo
- (7) Lesu sigungu kuyothi ngokwaso ukuzinqumela, nangokubheka isisindo sokwepulwa komthetho noma isikhalo, sedlulisele udaba ethimbeni elinamandla okwenza lowo msebenzi.
- (8) Zonke izikhalo ziyobhalwa phansi efomini elifana ncamashi noFomu 5 weSithasiselo sesi 9.
- (9) isigungu siyohlalanga zingakapheli izinsuku ezintathu kufakwe isikhalo noma kubikwe ukwaphulwa komthetho okuthile.

- (10) Isikhathi sokusebenza kweSigungu Sokulalela Amacala siyophela emva kokumenyezelwa kwemiphumela, noma-ke ngesinye isikhathi esibekwe ukuze kuphotulwe kahle imiphumela.
- (11) Amagunya eSigungu Sokulalela Amacala alawulwe kuSithasiselo 6 sale mithethonqubo.
- (12) uNgqongqoshe angasusa noma yiliphi ilunga lalesi sigungu ngenxa yanoma yisiphi esinye isizathu.

43. Ukufunga kwamalunga omkhandlu akhethiwe

- (1) Amalunga amasha akhethiwe omkhandlu wzoMdabu kumele afungiswe ngumuntu obekwe yiLungu Lomkhandlu Ophethe (uNgqongqoshe) zingakapheli izinsuku ezingamashumi amabili nanye emva kokhetho noma emva kokumenyezelwa kwemiphumela yokhetho ngokulandela izindlela ezejwayelekile ezihlinzekwe kuHlelo 2 loMthetho, futhi kumele bagcwalise, futhi basayine noma benze uphawu efomini efana naleyo ekuSithasiselo 2.
- (2) Kusukela ngesikhathi amalungu omkhandlu wzoMdabu esemenyezelwe njengakhethiwe kuze kube yisikhathi lapho efungiswa, inkosi iyokwenza yonke imisebenzi yansuku zonke yomkhandlu wzoMdabu.
- (3) Umkhandlu wzoMdabu ngamunye kumele uthi, emva kokuba amalungu awo esefungisiwe, uqhubeke nokukhetha usekelasihlalo.
- (4) Ukukhethwa kukasekelasihlalo kumele kwenziwe ngokuthi kucelwe iziphakamiso zamagama kanye namagama asekelo labo abaphakanyisiwe okungafanele ukuba ege kwamathathu: Inqobo nje uma kwenzeka ukuthi kuphakanyisiwe igama elilodwa, lowo muntu uyothathwa ngokuthi nguye okhethelwe lesi sikhundla.
- (5) Umuntu ngamunye ophakanyisiwe okukhulunywe ngaye kumtheshwananqubo (4) kumele aveze ukuba uyasamukela isiphakamiso.
- (6) Ukhetho okukhulunywe ngalo kumtheshwananqubo (4) kumele lwenziwe ngokuvota okuyimfihlo.
- (7) Inkosi kumele imemezele umphumela womhlangano.

44. Ukhetho lokuchibiyela

- (1) Uma kuvela isikhala kunoma yimuphi omkhandlu owesekwe ngokwenqubo yzoMdabu njengokulandisa kwesigaba sesi 7 (1) soMthetho, nangokulawulwa isigatshana sesi (2) nesesi (3) salo mthethonqubo, isikhala lesi esesivele eMkhandlwini Osekwe Ngokwenqubo YzoMdabu masigcwalise yilowo owathola amavoti amaningi elama awalabo obakhethwa kulo lokhetho.
- (2) Lowo owabe ekhankasile kodwa akaze athola mavoti okhethweni lomkhandlu owesekwe ngokwenqubo yezoMdabu, angeze aba yilunga loMkhandlu owesekwe ngokwenqubo yzoMdabu, ngenxa yalokho useyothathwa njengokhishiwe.
- (3) Uma kungukuthi isikhala lesi sidaleke ngekhasela lesifazane, yilowo wesifazane olandelayo ohlwini labangenele ukhetho futhi owathola amavoti amaningi kunabanye besifazane okhethweni oseyogcwalisa lesi sikhala.
- (4) Uma lowo owabe ethole amavoti alandelayo amaningi ngesikhathi sokhetho engeke atholakale ukuba agcwalise isikhala, noma ngasiphi isizathu, lowo-ke olandela yena ngenani lamavoti useyoba yilunga loMkhandlu WezoMdabu.
- (5) Lowo oselilunga loMkhandlu WzoMdabu oqokwe ngokwale mithethonqubo, useyomenyezelwa kwigazethi.
- (6) Lapho kube khona ukulingana ngamavoti kulabo abasohlwini, lokho kulingana kuyothonjululwa njengoba kukhomba isigaba sama 40 sale mithethonqubo.
- (7) Uma kungekho muntu ozothatha ubulunga boMkhandlu wzoMdabu njengokulawulwa yilo mthethonqubo, sekuyokwenziwa ukhetho olusha kulandelwa wona lo mthethonqubo.
- (8) Uma kuzodingeka kwenziwe ukhetho olusha, uNgqongqoshe uyomememezela usuku lokhetho lokuchibiyela kwigazethi, ebhekela nenani lezinsuku ezidingekile zokusebenza kohlelo lwesikhathi sokhetho.
- (9) Uma usuku selumenyezelwe njengokulawula komtheshwananqubo (8), lolo suku luyokhishwa futhi ephephandabeni laleyo ndawo okwenziwa kuyo ukhetho lokuchibiyela.
- (10) Uhlu lwabavoti oluyosetshenziswa okhethweni lokuchibiyela yilolo luhlu lwabavoti oluyobe lukhona mhla uNgqongqoshe ememezela usuku lwevoti lokuchibiyela, kodwa-ke kuyoba yilezo zingxenyane zohla lwabavoti oluqondene nesigodi lesi okuvuleke kuso isikhala.
- (11) Ikhansela elikhethwe okhethweni lokuchibiyela liyosebenza isikhathi lesi esisasalele lowo Mkhandlu WezoMdabu okhona kuze kuyofika ukhetho olulandelayo.

45. Inqubo Yokuziphatha

- (1) Lowo nalowo muntu ongenele ukhetho uyolandela le mithethonqubo kanye noMthetho, kanjalo neNqubo Yokuziphatha Emisiwe ehlinzekelwe kuSithasiselo (6) salo mthethonqubo.
- (2) Noma ngubani owephula kumbe-ke ahluleke ukhambisana Nenqubo Yokuziphatha Emisiwe usenecala, okuyokuthi uma limehlula abhekane nenhlawulo; kungenjalo-ke aboshwe isikhathi ubude baso osebuyoshiwo inkantolo yomthetho enamandla okukwenza lowo msebenzi.

46. Indlela yokuziphatha engamukelekile

- (1) Akukho muntu oyoziphatha ngendlela eyokwenza ukuba: —
 - (a) athonyele omunye umuntu ekubeni avote noma angavoti, ngendlela engafanele;
 - (b) aphoqe noma anxenxe umuntu ngokungemthetho ukuba; avotele kumbe angamvoteli lowo okhankansele ukhetho;

- (c) aphazamise ukuzimela kwethimba elizimele elengamele ukhetho;
 - (d) avimbele abavoti ngokungemthetho ukuba bangafinyeleli ezikhungweni zokuvota;
 - (e) azifanise ngokungemthetho nalowo ongenele ukhetho, isikhulu sokhetho kumbe-ke ingqapheli yalo;
 - (f) enze ngamabomu izitatimende ezingamanga noma akhiphe ulwazi olungamanga nolungahle ludunge ukhetho noma-ke ukwenziwa kwalo;
 - (g) adale ubutha ngokungemthetho noma ingebhe ukuze adunge ukwenziwa kokhetho kumbe umphumela walo.
 - (h) aphazamise ngokungemthetho ilungelo eliyimfihlo lokuvota komuntu;
 - (i) asuse ngokungemthetho, kumbe ashabalalise noma-ke alimaze lezozinto ezisetshenziselwa ukhetho;
 - (j) abhale, athuthe noma asuse ngokungemthetho amaphepha okuvota kumbe-ke akhiqize noma yini enye esetshenziselwa ukhetho;
 - (k) asuse ngokungemthetho noma alimaze izingqwembe namabhodi okhetho;
 - (l) athiye ngokungemthetho noma akhombise ukungahambisani nomyalelo wesikhulu esengamele ukhetho ngaphakathi kwemingcele yesikhungo sokuvota;
 - (m) apathe noma aveze ngokungemthetho isikhali esiyingozi ngaphakathi kwemingcele yesikhungo sokuvota;
 - (n) ngosuku lokuvota abe yingxenywe yomhlangano wezombusazwe, yenhlalaluhide yokukhonona noma-ke yombhikisho; futhi
 - (o) enze noma yini ephathelene nezombusazwe ngaphandle kokuvota ngaphakathi kwemingcele yesikhungo sokuvota.
- (2) Noma ngubani oyokwephula noma angahambisani nalokho okuhlinzekelwe yilo myalelo, usenecala, okuyothi lingamlahla, akhoke inhlawulo noma-ke aboshwe isikhathi ubude baso obuyoshiwo yinkantolo enamandla okwenza lowomsebenzi.

47. Ukukhethwa kwamalunga esigungu ezindlu zesifunda

- (1) Emhlanganweni wokuqala wendlu yabaholi boMdabu besifunda, umuntu oyokwengamela ukhetho lukasihlalo kanye nesekela lakhe uyokhonjwa uNgqongqoshe.
- (2) Ukhetho lukasihlalo kanye nolwesekela lakhe kuyokwenziwa ngokuba kucelwe iziphakamiso ezesekelwe zamagama angekho ngaphezulu kwamathathu isikhundla ngasinye: Kodwa-ke uma igama eliphakanyisiwe lasekelwa lilinye, lowo ophakanyisiwe useyomenyezelwa njengosekethiwe kulesosikhundla.
- (3) Lowo ophakanyisiwe njengoba kulandisa isigatshana sesi (2) ngenhla kumele azwakalise ukuthi uyakwamukela ukuphakanyiswa.
- (4) Iziphakamiso kanye nokhetho okukhulunywa ngalo esigatshaneni sesi (2) ngenhla luyokwenziwa ngohlobo lokukhetha oluyimfihlo.
- (5) Uma usihlalo nesekela lakhe sebekhethiwe, usihlalo nguye oseyokwengamela ukhetho lwamalunga esigungu sekomidi asasele ngokulandela izigatshana sesi (6) kuya kwesesi (9).
- (6) Usihlalo uyomema amalunga endlu yabaholi boMdabu besifunda ukuba baphakamise amagama aphindwe kabili kulelo nani elidingekayo ukuze kugcwaliswe ngalo izikhala ezisasalele.
- (7) Lelo nalelo gama eliphakanyisiwe liyokwesekelwa okungenani ngumuntu oyedwa, futhi lowo ophakanyisiwe uyokwemukela lokho kuphakanyiswa kwegama lakhe.
- (8) Kuyosetshenziswa amaphepha okuvota lapho kukhethwa amalunga esigungu sendlu yabaholi boMdabu besifunda, athi angamakwa bese efakwa ebhokisini lamavoti.
- (9) Amavoti ayobalwa usihlalo okuyothi eswabaliwe amemezele umphumela.

48. Ukukhethwa kwamalungu ezindlu zesifunda ukuba angene eNdlini Yesifundazwe

- (1) Lapho indlu yobuholi boMdabu yesifunda sebukhetha amalungu azoyobumela Endlini Yabaholi BoMdabu Yesifundazwe, njengalokhu kulandisa isigaba 13, kuyoqikelelwa ukuthi omasipala abangaphansi kwesifunda leso ebekade sikhethelwa ubuholi boMdabu, bameleleke kahle.
- (2) Usihlalo uyomema leyo naleyo yindlu yabaholi boMdabu besifunda ukuba ikhethe amalunga aphindwe kabili kulelo nani labantu abadingekayo ukugcwalisa izikhala zabaselelyo.
- (3) Leso naleso siphakamiso siyokwesekwa okungenani umuntu oyedwa, futhi-ke lesa naleso siphakamiso siyokwemukelwa yilowo ophakanyiswayo, andukuba kuqhutshwe ukhetho ngendlela yokukhetha eyimfihlo.
- (4) Kuyosetshenziswa amaphepha okuvota uma kukhethwa amalunga esigungu esikhulu seNdlu yabaHoli boMdabu yeSifunda, okuyothi angamakwa afakwe ebhokisini lamavoti.
- (5) Amavoti ayobalwa bese umphumela umenyezelwa usihlalo.

49. Ukukhethwa kwamalungu ekomidi elilawulayo leNdlu Yesifundazwe.

- (1) Emhlanganweni wokuqala Wendlu Yabaholi BoMdabu Yesifundazwe, oyokwenganyelwa yijaji eliyokhethwa uNgqongqoshe, kuyolandelwa lomhlahlandlela olandelayo uma sekukhethwa isigungu Sendlu Yesifundazwe.
- (2) Emhlanganweni wokuqala Wendlu yabaHoli boMdabu Yesifundazwe, oyobizwa uma sekwemukelwe imiphakathi esekelwe ngokwenqubo yzoMdabu engamashumi amahlanu nangaphezulu, noma emva kokhetho lwendlu entsha, iJaji lase Nkantolo

Enkulu yeRiphabliki yase Ningizimu Afrika liyoba uSihlalo, kuze kufike isikhathi lapho amalunga endlu eyokhetha khona uSihlalo weNdlu yabaHoli boMdabu Yesifundazwe Nephini lakhe.

- (3) Lapho ijaji selimema ukuba kuphakanyiswe kwamagama kasihlalo Wendlu Yesifundazwe kanye nesekele lakhe, uyoyala futhi Indlu Yesifundazwe ukuba igunyaze inani lamalunga esigungu Sendlu Yesifundazwe; lelo nani elingeyukuba ngaphansi kwabantu abahlanu futhi abangeqile kwabayishumi. Emva kwalokhu uSihlalo omusha Wendlu useyothatha indawo yakhe njengosihlalo womhlangano, bese eqhubeka nokhetho lwamalunga aseleyo.
- (4) Ukukhethwa kukasihlalo kanye nesekele lakhe kumele kwenziwe ngokuthi kucelwe iziphakamiso zamagama nokwesekwa kwazo ngamagama angengaphezulu kwamathathu isikhundla ngasinye. Inqobo nje uma kwenzeka ukuthi kuphakanyiswa igama elilodwa, lowo muntu kumele athathwe ngokuthi usekhethiwe kuleso sikhundla.
- (5) Nakuphi ukuphakanyiswa kwagama okukhonjwe esigatshaneni sesi (4) ngenhla kuyokwamukelwa yilowo ophakanyisiwe.
- (6) Iziphakamiso kanye nokhetho okukhulunywa ngalo esigatshaneni sesi (4) ngenhla luyokwenziwa ngendlela yokhetho eyimfihlo.
- (7) Uma usihlalo nesekele lakhe sebekhethiwe, usihlalo nguye oseyokwengamela ukhetho lwamalunga aseleyo esigungu Sendlu Yesifundazwe Yaboholi BoMdabu ngokulandela isigatshana sesi-8 kuya kwese - 12.
- (8) Kuyophakanyiswa amagama abe mathathu ukugcwalisa lesa naleso sikhala, futhi zonke iziphakamiso ziyokwesekelwa okungenani umuntu abe munye.
- (9) Uma igama eliphakanyisiwe lasekelwa lilinye, lowo ophakanyisiwe useyomenyezelwa njengosekhethiwe kulesosikhundla.
- (10) Kuyosetshenziswa amaphepha akuvota lapho kukhethwa amalunga esigungu, athi angamakwa bese efakwa ebhokisini lamavoti.
- (12) Amavoti ayobalwa bese umphumela usumenyezelwa usihlalo.

50. Ukufunga kwamalunga amakomidi alawulayo eziNdlu Zesifunda Nezesifundazwe

- (1) Amalunga akhethiwe Ezigungu Zendlu Yaboholi BoMdabu yeSifunda kanye Nabendlu Yesifundazwe bayofungiswa noma benze isiqinisekiso njengokulandisa kuka Sheduli yesi (2) yomthetho, futhi bayogcwalisa, basayine noma benze umaka efofomini elifana ncamashi nalelo elikuSithasiselo (2).

51. Izihlinzeko ezijwayelekile

- (1) Imikhandlu emiswe ngokwenqubo yedabuko, izindlu zobaholi boMdabu zesifunda kanye nendlu yaboholi boMdabu yesifundazwe zingazakhela eyabo imithetho nezindlela zokusebenza.
- (2) Imikhandlu emiswe ngokwenqubo yedabuko, izindlu zobaholi boMdabu zesifunda kanye nendlu yaboholi boMdabu yesifundazwe zingazakhela amakomidi amancane ngokwezidingo zawo ukuba zihambise kahle imsebenzi wazo.

52. Imfundo mayelana nokuvota

- (1) uMnyango uyoqoka ithimba eliyobhekana nokufundiswa ngokuvota emiphakathini yzoMdabu, futhi neyogunyaza izinhlangano ukuba zifundise ngokuvota njengalokhu kuhlonza Umthetho Wokhetho, futhi isicelo sokugunyazwa ukuba umfundisi wokuvota siyokwenziwa efofomini elifana ncamashi Nefomu lesi 6 LeSithasiselo sesi 9.
- (2) Wonke umfundisi wokuvota ogunyaziwe uphoqekile ukuhambisana Nendlela Yokuziphatha Yabafundisi Bokuvota njengalokhu ibekiwe kuSithasiselo 7.

53. Izingqapheli zokhetho

- (1) Lowo muntu kumbe inhlangano efisa ukuba yingqapheli yokhetho, iyokwenza isicelo sokugunyazwa njengengqapheli, isibhekise enhlanganweni yokhetho ezimele kuze iqaphe ukhetho njengokulandisa kwalomthetho, futhi isicelo salokhu siyokwenziwa ngokuba kugcwaliswe ifomu elifana ncamashi Nefomu lesi 7 LeSithasiselo sesi 8.
- (2) Yonke ingqapheli egunyaziwe iphoqekile ukulandela iNqubo Yokuziphatha Kwezingqapheli ebekwe kusithasiselo 8.

54. Ukukhankasela Ukhetho

- (1) Imikhankaso yokhetho iyokwenziwa ngokulandela izihlinzeko zemithethonqubo 45 kanye 46, kanjalo futhi NeSithasiselo sesi 6 sale mithethonqubo

55. Ukuqiniswa kobumfihlo

Isimememezelo sokuzijuba ekugcineni izimfihlo siyosayindwa yilowo okhethiwe ngaphambi kokuba aqashelwe kulesosikhundla, siyoba sefofomini elifana ncamashi Nefomu lesi 8 LeSithasiselo sesi 9.

56. Ukwephulwa kwemithetho kanye nokunikezwa kwezijeziso

- (1) Noma ngubani owenza isitatimende esingamanga noma anikezele ngemininingwane engesilo iqiniso kunoma yisiphi isicelo noma umbhalo ofunekayo ngokwalomthetho, useyoba necala, okuyothi uma limlahla akhokhe inhlawulo, kumbe aboshwe isikhathi esingekho ngaphezu konyaka noma-ke akwenze kokubili ukuhlawula nokuboshwa.

57. Izihloko ezifingqiwe

Le mithetho iyokwaziwa ngelokuthi Yimithetho Yobuholi BoMdabu yaKwaZulu-Natali ka 2006.

9. Amagama abantu umphakathi obathatha njengabaholi bawo, kanye nendlela okubizwa ngayo izikhundla zawo ngokwesiko lalowo mphakathi:

(a).....Isikhundla sakhe.....

(b).....Isikhundla sakhe.....

(a).....Isikhundla sakhe.....

(d).....Isikhundla sakhe.....

(e).....Isikhundla sakhe.....

Indawo.....(indawo).....(usuku)

Igama lomele:.....

Isikhundla:.....

ISITHASISELO 2

Isifungo esenziwa amalunga emikhandlu emiswe ngokwenqubo yoMdabu, izindlu zabaholi boMdabu zesifunda kanye neNdlu Yabaholi BoMdabu Yesifundazwe.

[Umthethonqubo we-16]

Mina

[faka amagama aphelele]

[faka inombolo kamazisi]

Ngiyokwethembeka kwiRiphabliki yaseNingizimu Afrika, eSifundazweni SaKwaZulu-Natali futhi ngiyothobela, ngihloniphe, ngiqhakambise uMthethosisekelo kanye nayo yonke eminye imithehto yeRiphabliki yaseNingizimu Afrika kanye neSifundazwe SaKwaZulu-Natali; ngenhlonipho ngethembisa ukwenza imisebenzi yami njengelunga le

[faka igama lomkhandlu wzoMdabu, Indlu Yesifundazwe noma iNdlu

Yesifunda Yabaholi BoMdabu.]

Ngokwamandla onke enginawo.

Ofakazi: _____

ukusayina/uphawu lwelunga

ISITHASISELO 3

INANI LAMALUNGA ESIGUNGU SAMAKHANSELA OMDABU

A Amalunga Aqokiwe	B Inkosi	C Amalunga Akhethiwe*	D Inani Labesifazane**	Inani Labesifazane Abakhonjiwe	Inani Labesifazane Abakhethiwe	Inani Selilonke Lamalunga (A+B+C)
17	1	12	10	6	4	30 (hhayi ngaphezulu)
16	1	11	10	6	4	28
15	1	10	9	5	4	26
14	1	10	9	5	4	25
13	1	9	8	5	4	23
12	1	8	7	4	3	21
11	1	8	7	4	3	20
10	1	7	6	3	3	18
9	1	6	6	3	3	16
8	1	6	5	3	2	15
7	1	5	4	2	2	13
6	1	4	4	2	2	11
5	1	4	4	2	2	10
4	1	3	3	2	1	8

* Lesi samba siyotholwa ngokubala kanje $(A + 1) \times 40\%$

** Ngokwesigaba 6 (2) (c) Somthetho, umkhandlu wamakansela oMdabu uyokwakhiwa ngokuthi okungenani ingxenye eyodwa kwezintathu kube abesifazane. Izinombolo zisondezelwe lapho umphumela kube liqhezu khona.

ISITHASISELO 4
INQUBO NGABASEBENZI ABAQASHIWE
(Umthethonqubo wama-24)

1. Bonke abasebenzi abaqashiwe:
 - (1) Ziyongena emsebenzini ngesikhathi bashayise kuphela uma ukubala sekuphuthuliwe;
 - (2) Bayolalela imiyalelo eyokwenziwa uMphathi Wokhetho kumbe iphini lakhe;
 - (3) Bayoyenza ngendlela efanele yonke imisebenzi ababelwe yona;
 - (4) Bayosebenza, baziphathe ngokungenzeleli nangendlela engachemi namuntu okhankasele ukhetho;
 - (5) Bayosebenzela futhi basize abavoti ngenhlonipho nangokunakekela;
 - (6) Bayowenzisisa ngobunono nangeqiniso umsebenzi wabo;
 - (7) Bayogcina umsebenzi wabo ungasolisi;
 - (8) Bayogcina imfihlo yevoti;
 - (9) Bayophatha ngenhlonipho abalingani babo, izingqapheli kanye nababhekele ezokuphepha;
 - (10) Bayogqoka ngendlela enokuhlonipheka engajivazi;
 - (11) Bayokuziphatha ngobungcweti emsebenzini wabo;
 - (12) Bayoqinisekisa ukuthi isikhungo sokuvota sihlanzekile futhi sisesimeni esihle;
 - (13) Bayohlala njalo besebenza ngokulawulwa ngumthetho; futhi
 - (14) Uma kunesidingo, babuze esikhulwini esengamele ukhetho kumbe iphini laso lapho kunezinto ezingabakhanyeli kahle.
2. NgoSuku Lokuvota, umsebenzi wokhetho abavumelekile:
 - (1) Ukukhankasela nokunxenela amavoti anoma yimuphi kulabo abangenele ukhetho;
 - (2) Ukusebenzisa izinto zomuntu okhankasele ukhetho;
 - (3) Ukuziphatha budlabha;
 - (4) Ukuziphatha ngendlela enenkohlakalo;
 - (5) Ukugqoka izevatho ezinemibala, amagama, izimpawu noma iziqubulo zanoma yiliphi iqembu lombusazwe;
 - (6) Ukuxhaphaza izinto zomsebenzi ngokuzisebenzisela eyaso inzuzo ngesikhathi sokuvota nokubala;
 - (7) Ukusebenzisa izidakamizwa noma uphuzo olunamandla; kanye nokudalula ulwazi ngesimo sevoti sanoma ngumuphi umuntu.

ISITHASISELO 5
IZIMPAHLA ZOKUVOTA

1. Okulandelayo izidingo okumele okungenani zibe khona kuléso naleso sikhungo sokuvota.
 - (1) amaphepha okuvota;
 - (2) amabhokisi amaphepha okuvota;
 - (3) amagumbi okuvotela;
 - (4) ingxenye eqinisekisiwe yohla lwabavoti besifunda;
 - (5) Uyinki ongacishi (indelebuli);
 - (6) izisicilelo;
 - (7) izigxivizo ezisemthethweni;
 - (8) amafomu asemthethweni;
 - (9) amapeni nemisizi;
 - (10) amarula;
 - (11) ithephu eklama umngcele wesiteshi;
 - (12) amabhanela;
 - (13) ithephu;
 - (14) izimvalaphi;

- (15) izincingwana zokubamba amaphepha;
- (16) izitikha kanye namaphepha okubhala amagama abantu;
- (17) umshini wokubhoboza amaphepha.

ISITHASISELO 6

INQUBO YOKUZIPHATHA KWABAKHANKASELE UKHETHO LWEMIKHANDLU EMISWE NGOKWENQUBO YOMDABU

Ingxenye 1

Ukuziphatha okungavunyelwe

1. Ukuthonywa kwabantu ngendlela engamukelekile

- (1) Akukho muntu: —
 - (a) oyophoqa kumbe anxenxe omunye ngendlela engekho emthethweni ukuba;
 - (i) abhalisele noma angakubhaliseli ukuvota;
 - (ii) avote noma angavoti;
 - (iii) avotele noma angavoteli umuntu osekhonjelwe ukhetho; noma
 - (iv) asekele noma angamesekeli lowo okhankasele ukhetho.
 - (b) oyophazamisa ukuzimela noma ukungachemi kwenhlangano ezimele yabengamele ukhetho, noma yiliphi ilunga, umsebenzi noma isikhulu seNhlangano Eyengamele Ukhetho;
 - (c) oyobandlulula omunye ngenxa yokwenza umsebenzi kwesikhathi esedlule, isikhathi samanje nesizayo, ngokwale mithethonqubo;
 - (d) oyokwenzelela noma athembise ukwenzelela umuntu ngoba engewenzanga umsebenzi ngokwale mithethonqubo;
 - (e) oyakuvimbela noma ngubani kulaba abalandelayo ukuba bafinyelele ngokunokwenzeka kubavoti, esidlangalaleni noma ngasese:
 - (i) noma ngubani omele lowo okhankasele ukhetho noma nguye uqobo okhankasayo;
 - (ii) noma ngubani okhankasele ukhetho ngesikhathi sokuvota;
 - (iii) noma iliphi ilunga, umsebenzi noma isikhulu sethimba elizimele elengamele ukhetho;
 - (iv) noma ngubani oqashwe ingqapheli esemthethweni; kumbe-ke
 - (v) noma ngubani ogunyazelwe ukufundisa ngokuvota.
- (2) Ngokulawulwa yile mithethonqubo, akekho umuntu ongavimbela omunye ukuba asebenzise ilungelo lakhe alinikwa yile mithethonqubo.
- (3) Akukho muntu, oyothi azi kahle ukuthi umuntu othile akavumelekile ukuba abhaliswe ngengomvoti, kodwa —
 - (a) amnxenxe lowo muntu ngokuthi ufanelekile ukuba abhaliselwe ukuvota; noma
 - (b) adukise omunye umuntu ngokuthi lowo muntu unelungelo lokubhaliselwa ukuvota.
- (4) Akekho umuntu oyothi azi kahle ukuthi omunye akanalo ilungelo lokuvota, kodwa —
 - (a) asize, aphoqe noma anxenxe lowo muntu ukuba avote; kumbe
 - (b) adukise omunye ngokuthi lowo muntu unelungelo lokuvota.

2. Ukuzenza omunye umuntu.

- (1) Akekho umuntu —
 - (a) ongafaka isicelo sokubhaliselwa ukuvota egameni lomunye umuntu, kungaba osaphila noma ongasekho kumbe-ke umuntu nje ongekho kodwa oqanjweyo.
 - (b) ongafaka isicelo sephepha lokuvota esikhungweni egameni lomunye umuntu, kungaba osaphila noma osewafa noma-ke umuntu nje ongekho oqanjweyo.
 - (c) othi kanti akavunyelwe ukuvota okhethweni noma esikhungweni esithile, avote okhethweni noma esikhungweni lesi;
 - (c) ongavota kaningi kunalokho akugunyazelweyo; noma
 - (d) azifanise nomunye —
 - (i) ngokumela lowo okhankasela ukhetho;
 - (ii) ngokuba abe okhankasela ukhetho ngesikhathi salo;
 - (iii) ngokuba yilunga, umsebenzi noma isikhulu seNhlangano Ezimele Eyengamele Ukhetho;
 - (iv) ngokuba abe umuntu oqashwe ingqapheli esemthethweni; noma
 - (v) abe umuntu ogunyaziwe ukufundisa ngokhetho.

3. Iziphatimende Zamanga Ezenziwe Ngenhloso.

- (1) Akukho muntu okuyothi uma kudingeka enze isitatimende ngokuhambisana nale mithethonqubo, asenze lesi sitatimende ebe —
 - (a) azi kahle ukuthi singamanga; noma
 - (b) ebe engakholwa ngokungabazisiyo ukuthi isitatimende lesi siliqiniso.
- (2) Akekho umuntu oyoshicilela ulwazi olungamanga ngenhloso —
 - (a) yokudunga noma avimbele ukhetho;
 - (b) yokudala ingxabano nokufaka ingebhe ukuze athonye ukuphathwa kokhetho noma imiphumela yalo;
 - (c) yokuthonya ukuphathwa kokhetho kumbe umphumela walo.

4. Ukungagcinwa kwesifuba.

- (1) Akukho muntu oyogxambukela elungelweni lokugcinwa kwesifuba ngevoti lomuntu.
- (2) Ngaphandle kokuba kuvunyelwe yile mithethonqubo, akekho umuntu —
 - (a) oyodalula ulwazi ngokuvota kumbe ukubalwa kwamavoti; noma
 - (b) avule noma iliphi ibhokisi lamavoti noma isitsha abekwe kuso ngokuhambisanayo nale mithethonqubo, noma asuse uphawu lokunamathelisa.

5. Okungavunyelwe mayelana nokuvota kanye nezinto zokuvota.

- (1) Ngaphandle kokuba kuvunyelwe yilemiyalelo, akekho umuntu —
 - (a) oyobhala, akhiqize noma anikezele noma yini enye esetshenziselwa ukuvota nokhetho;
 - (b) oyosusa noma afihle noma yini esetshenziselwa ukuvota nokhetho;
 - (c) oyolimaza noma abhidlize noma yini enye esetshenziselwa ukuvota nokhetho; noma
 - (d) oyothatha uhlu lwabavoti noma yini enye esetshenziselwa ukuvota nokhetho, ayisebenzisele izinhloso okungasezona ezokhetho.
- (2) Inhlangano ezimele eyengamele ukhetho ingagunyaza —
 - (a) ukubhalwa, ukukhiqizwa kanye nokunikezelwa kwanoma yini esetshenziselwa ukuvota nokhetho;
 - (b) ukuthathwa kohla lwabavoti noma yini enye esetshenziselwa ukuvota nokhetho ukuba isetshenziselwe ezinye izinhloso ezingasaqondene nokhetho; kanye
 - (c) nokususwa noma ukudilizwa kwanoma yini esetshenziselwa ukuvota nokhetho.

6. Okungavunyelwe mayelana nezingqembe kanye namabhodi ngesikhathi sokhetho.

- (1) Kusukela ngosuku ukhetho olumenyezwe ngalo kuze kube lusuku imiphumela yokhetho ezokwaziwa futhi imenyezwe ngalo njengokuhambisana nomthethonqubo wama-23, akekho umuntu oyokona noma asuse ngokungemthetho amabhodi kanye nezingqembe ezikhangiswe omunye wabakhankasele ukhetho.

7. Ukuphazanyiswa noma ukungahambisani nemiyalelo yenhlangano ezimele eyengamele ukhetho kanye nezinye izikhulu.

- (1) Akukho muntu oyokwala noma ongeyukulalela umyalelo osemthethweni owenziwa yinhlangano ezimele eyengamele ukhetho, noma yilunga, umsebenzi noma isikhulu salo leli thimba.
- (2) Akukho muntu oyophazamisa kumbe anqinde ithimba elizimelelyo elengamele ukhetho, noma lowo muntu okukhulunywa ngaye esigatshaneni soku (1), noma umuntu oqashwe yingqapheli egunyaziwe, lapho esemsebenzini wakhe.

8. Ukwephulwa kwenqubo yokuziphatha.

- (1) Akukho muntu noma iqembu elibhaliswe ngokusemthethweni futhi elilawulwa YiNqubo Yokuziphatha eliyokwephula noma lingahambisani nalokho okushiwo yilo mthetho.

Ingxenywe 2**Ukuphoqelelwa komthetho.****9. Ukumangalelwa kanye nokungenelela kwenhlangano ezimele eyengamele ukhetho.**

- (1) ILungu Lomkhandlu Ophethe lingathi lona ngokwalo noma-ke ngokusebenzisa inhlangano ezimele eyengamele ukhetho lifake isimangalo enkantolo ukuze liphokelele le mithethonqubo kumbe umthetho wokuziphatha, ngokuvunyelwa yile mithethonqubo noma omunye umthetho.
- (2) ILungu Lomkhandlu Ophethe noma-ke ngokusebenzisa ithimba elizimele elengamele ukhetho lingangenelela esimangalweni secala uma lona qobo lwalo, kumbe ithimba elizimele elengamele ukhetho lithinteka ngokusemthethweni kuleso isimangalo.

10. Amandla esiGungu Sokulalela Amacala

- (1) IsiGungu Sokulalela Amacala yisona esinamandla kuzo zonke izimpikiswano eziphatelene nokhetho nezikalazo zokwephulwa komthetho wokuziphatha.

- (2) Uma isiGungu Sokulalela Amacala sithola ukuthi umuntu wephule umbandela mumbe ngaphansi kweNgxenywe 1 yale Nqubo Yokuziphatha, siyothi ngokucabangela ukhetho olukhululekile nolungenzeleli, sijeziwe ngendlela efanele lowo oseqe umthetho, kumbandakanya lezi zindlela ezilandelayo —
- (3) isexwayiso sangokomthetho;
- (4) inhlawulo engeqile ezinkulungwaneni eziyishumi zamarandi (R10,000.00)
- (5) umyalelo ovimbela lowo muntu ukuba —
 - (a) asebenzise izinhloko zomphakathi zokusakaza izindaba;
 - (b) abambe umhlangano womphakathi, umbhikisho inhlabaluhide noma yimuphi-ke omunye umhlangano;
 - (c) angene kunoma yisiphi isifunda sokuvota ngenhloso yokukhankasela ukhetho noma-ke yisiphi esinye isizathu esiphathelene nokhetho;
 - (d) ukufaka noma akhiphe amabhodi, izingqwembe noma kukuphi;
 - (e) ukukhipha noma asakaze noma yini ebhaliwe yokukhankasela ukhetho;
 - (f) akhangise ngokuphathelene nokhetho; noma
 - (g) umyalelo onikeza imikhawulo emalungelweni alowo muntu noma ekwenzeni imisebenzi ethize ebaluliwe esigabeni (d)
 - (h) umyalelo ovimbela lowo muntu kanye nanoma yibaphi abantu abasebenzela lowo muntu ekungeneni esikhungweni sokuvota.
 - (i) umyalelo onciphisa inani lamavoti avotele lowo muntu
 - (j) umyalelo ophuca lowo omele ukhetho amalungelo okubamba iqhaza; noma
- (6) Noma yisiphi isijeziwo noma isivimbo esihlinzekelwe kulesi sigaba siyoba yisijeziwo esengeziwe kunoma yisiphi kulezo ezihlinzekwe kwiNgxenywe 3 yale Nqubo Yokuziphatha.

Ingxenye 3

11. Ukwepulwa kwemithetho nezijeziwo

- (1) Noma yimuphi umuntu ophula eminye yale mithethonqubo uyotholakala enecala bese kuthi ekubanjweni kwakhe abhekane nenhlawulo noma aboshwe izinyanga ezingevile kweziyishumi nambili noma ajeziwe ngakho kokubili.

Ingxenye 4

Amandla angeziwe nemisebenzi yenhlangano ezimele esingethe ukhetho

12. Inqubo Yendlela Yokuziphatha Okhethweni nezinye izinqubo

- (1) Inqubo Yendlela Yokuziphatha Okhethweni kumele ilandelwe —
 - (a) yiwo wonke umuntu obhalisele ukungenele ukhetho ngaphambi kokuba avunyelwe ukungenele ukhetho;
 - (b) yiwo wonke umuntu ongenele ukhetho ngaphambi kokuba abekwe ohlwini lwabangenele ukhetho.
- (2) Ukuze kugqugquzeleke ukhetho olukhululekile, olunobulungiswa noluhlekile, inhlangano ezimele ezosingatha ukhetho lungakha bese lunikezela eminye imithetho.
- (3) Inhlangano ezimele esingethe ukhetho ingaguqula noma ifake eminye imithetho esikhundleni sale enikeziwe ngokwale Ngxenywe.
- (4) Inqubo ekhishwe ngokwale Ngxenywe, noma ukushintshwa kwayo kumbe ukufakwa kweminye imithetho esikhundleni sayo, kumele kukhishwe kwigazethi.

ISITHASISELO 7

IMITHETHO YABAHLINZEKI BEMFUNDO YOKUVOTA ABASEMTHETHWENI

1. Bonke abahlinzeki bemfundo yokuvota abasemthethweni kumele —

- (1) bazise abavoti ngamalungelo abo avikelekile enkululeko kanembeza yenkolelo, inkululeko yokukhuluma nokusho noma yini, inkululeko yokuhlanganyela nokubuthana okunokuthula, inkululeko yenhlangano neyokubamba iqhaza ngenkululeko nangokuthula ekuvoteni;
- (2) bahloniphe ilungelo labavoti lokuvotela lowo ongenele ukhetho othandwa yibona ngokusebenzisa uhlobo lokuqeqesha olungakhetshi;
- (3) baqinisekise ukuthi abavoti bayatshelwa futhi bayaqonda ukuthi abangenele ukhetho kanye nabazindaba bakhululekile ukunikeza imininingwane nemibono;
- (4) njalo baziphathe ngendlela engakhetshi okuhambisana nabo futhi bangafakwa umthelela kumbe benze okushiwo yiqembu elithize lezopolitiki noma inhlangano; futhi
- (5) balwele ukugqugquzela ukundela amaqembu ahlukahlukene okukhululekile kanye nosiko lokubekezelelana.

2. Bonke abahlinzeki bemfundo yokuvota abasemthethweni kumele —

- (1) bagcine amabhuku ezimali abonakala eyisidingo; futhi

- (2) basebenzise izimali kuphela kulokho ebezikhishelwe kona
3. Abekho abahlinzeki bemfundo yokuvota abasemthethweni —
- (1) abangasebenzisa budedengu noma yiziphi izimali ezikhishelwe ukusetshenziselwa imfundo yokuvota.
 - (2) abangazama ukuthola ukuthi umvoti uzovotela bani kwabangenele ukhetho
 - (3) abangavumisa, bathonye, bancenge kumbe bakhokhele umvoti ukuba abhalise noma avote ngesikhathi sokhetho, uma azi ukuthi lowo muntu akanagunya lokubhalisa noma lokuvota okhethweni lolo;
 - (4) abangaba nomthelela noma bazame ukufaka umthelela ekukhetheni komvoti umuntu angamvotela kwabangenele ukhetho;
 - (5) abangashicilela, baphinde noma basabalalise nganoma iyiphi indlela imininingwane engesiyo;
 - (6) abangathiya noma baphazamise umsebenzi wanoma ubani ophathiswe isikhundla noma omele inhlango ezimele esingethe ukhetho.
4. abahlinzeki bemfundo yokuvota abasemthethweni kumele —
- (1) baziphathe ngendlela engaqhamisi buhlobo nengathathi macala kukona okuhlangene nongenele ukhetho noma umvoti
 - (2) bangenzi lutho engatshengisa, noma ibukeke sengathi itshengisa, ukuhambisana nongenele ukhetho;
 - (3) bangathathi siphonoma isihle kunoma ubani obandakanyekayo ekuqhubekeni kokhetho; futhi
 - (4) bangagqoki, baphathe noma bakhangise noma yiziphi izimpawu noma imibala esobala ehambisana neqembu elithize.

ISITHASISELO 8

IMITHETHO YENDLELA YOKUZIPHATHA YEZINGQAPHELI EZISEMTHETHWENI

1. Yonke ingqapheli esemthethweni kanye nomuntu oqashwe yingqapheli kumele —
- (1) aqaphe ukhetho ngendlela engakhethi qembu lezopolitiki noma ongenele ukhetho nenokuzimela.
 - (2) ahlale engaqamisi buhlobo futhi angathathi macala.
 - (3) atshengise ikhono nobungcweti ekuqapheni ukhetho.
 - (4) ahlinzeke inhlango ezimele esingethe ukhetho ngesithombe esigcwele ngakubonile ngenkathi ehlola, futhi aveza zonke izimo ezifanele, okubalwa kuzo —
 - (a) izinga lokwenzelela elitshengiswe yinhlango ezimele esingethe ukhetho.
 - (b) izinga lenkululeko yabangenele ukhetho lokuhlela, ukunyakaza, nokuhlanganyela baveze imibono yabo emphakathini.
 - (c) ithuba labangenele ukhetho lokuba babe nabantu babo abazozapha zonke izingxenyane zokuqhubeka kokhetho
 - (d) ukukwazi kwalabo abangenele ukhetho ukusebenzisa ngokulingana abezindaba bakazwelonke namanye amandla kahlumeni.
 - (e) ukuphathwa kahle kwezindawo zokuvotela nokubalwa kwamavoti; kanye
 - (f) nanoma yikuphi okunye okubandakanya ukukhululeka okubalulekile nobulungiswa bokhetho.
 - (5) avume ukulandela yonke imiyalo enikeziwe nazo zonke izibopho ezinikezwe
 - (a) yinhlango ezimele esingethe ukhetho
 - (b) umsebenzi wezokhetho;
 - (c) nanoma wubani oqashiwe noma umsebenzi egatsheni elizimele elisingethe ukhetho; noma
 - (d) ilungu lophiko lwezokuphepha nelisebenza ngokwemiyalo yomsebenzi.

ISITHASISELO 9

EMAFOMU OKHETHO

IFomu loku-1

UKUQOKWA KWAMAKHOSI AZOBA NGAMALUNGU LOMKHANDLU WOBUHOLI BOMDABU

UHLAKA OLUZIMELE LWABASINGATHI BOKHETHO

UKUQOKWA KWAMAKHOSI AZOBA NGAMALUNGU OMKHANDLU WOBUHOLI BOMDABU

Usuku lokhetho:

Isizwe:

Isigodi:

Mina, _____ (Inombolo kamazisi): _____

Ngiyisakhamuzi esizweni nasesigodini esibhalwe ngenhla futhi ngibhalisile ohleni lwabavoti engxenyeni yesigodi sami sohla lwabavoti, lapha ngiqoka _____

(Inombolo kamazisi: _____) ukuba angenele

ukhetho esizweni esibhalwe ngenhla. Okufakiwe yilokhu—

(a) ukwemukela ukuqokwa okusayinwe ngozovotelwa;

(b) ikhophi eqinisekisiwe kamazisi yozovotelwa lapho kuvela khona isithombe sakhe, igama kanye nenombolo kamazisi; kanye Nesiginesha: Indawo: Usuku: Imininingwane yokuxhumana ka—

(a)

Umqoki

(b)

Ozovotelwa

Inombolo Yenkomba:

Ifomu lesi-2

UKWEMUKELA UKUQOKELWA OKHETHWENI LWEMIKHANDLU YOBUHOLI BOMDABU

INHLANGANO EZIMELE ESINGATHA UKHETHO

UKWEMUKELA UKUQOKWA NGUMVOTELWA OKHETHWENI LWEMIKHANDLU YOMDABU

Usuku lokhetho:

Isizwe:

Isigodi:

Mina, _____ (Inombolo kamazisi: _____)

Ngamukela lapha ukuqokelwa (Susa ongakuqokanga) okhethweni olubalulwe ngenhla ngu

(Qaphela: Faka igama lokuqokile)

Indawo:

Usuku:

Isiginesha yozovotelwa

Inombolo Yenkomba:

Qaphela: Lapho kuqanyiswe khona ngombala ompunga okokusetshenziswa ngabakwa-IEC kuphela.

Ifomu lesi-3

ISITATIMENDE SOSINGETHE KHETHO NGAMAPHEPHA OKUVOTA NGOKHETHO LWEMIKHANDLU YOBUHOLI BOMDABU

INHLANGANO EZIMELE YABASINGATHI BOKHETHO

ISITATIMENDE SOSINGETHE KHETHO NGEPEPHA LOKUVOTA NGOKHETHO LWEMIKHANDLU YOBUHOLI BOMDABU

Usuku lokhetho:

Isizwe:

Isifunda sokuvota:

Isigodi:

Isikhungo sokuvota:

INGXENYE 1: AMABHOKISI AMAPHEPHA OKUVOTA

Isamba samabhokisi amaphepha okuvota	
Inani lamabhokisi amaphepha okuvota	
Inani lamabhokisi amaphepha okuvota angasetshenziswanga	
Asetshenzisiwe nangasetshenzisiwe kumele ahlanganise inani enze inani lesibalo sonke	

INGXENYE 2: AMAPHEPHA OKUVOTA

(a) Inani lamaphepha okuvota atholakele	
(b) Inani lamaphepha okuvota akhishiwe	
(c) Inani lamaphepha okuvota angakhishwanga	
(d) Inani (b) + (c)	
(e) Inani lamaphepha okuvota akhanseliwe	
(f) Inani lamaphepha okuvota asemabhokisini asetshenzisiwe	
(g) Inani (e) + (f)	

QAPHELA:

Izibalo kukholamu (d) kumele zifane nakukholamu (a).

Izibalo kukholamu (g) kumele zifane nakukholamu (b). *Isiginesha Yosingethe Ukhetho Usuku*

IFomu lesi-4

IFOMU LEMIPHUMELA ELIGCWALISWA OWENGAMELE UKUBALWA KWAMAVOTI YALOWO ONGENELE UKHETHO LWEMIKHANDLU YOBUHOLI BOMDABU

IKHOMISHANI YOKHETHO

IFOMU LEMIPHUMELA ELIGCWALISWA OWENGAMELE UKUBALWA KWAMAVOTI YALOWO ONGENELE UKHETHO LWEMIKHANDLU YOBUHOLI BOMDABU

Usuku lokhetho:

Umpakathi oMdabu:

UMkhandlu Wokuphatha Wesifunda [Uma ukhona]:

Isifunda sokuvota:

IMPUMELA YOKUBALWA

IGAMA LOVOTELWE	INANI LAMAVOTI	ISIGINESHA YOVOTELWE / ABASINGATHI/UMQAPHI
Isiginesha yowengamele ukubalwa:	Igama lowengamele ukubala:	Inombolo kamazisi:
Usuku:	Inombolo yocingo:	Inombolo yocingo emuva kwesikhathi somsebenzi:

Ifomu lesi-5

UKUPHIKISA OKHETHWENI LWEMIKHANDLU YOBUHOLI BOMDABU

INHLANGANO EZIMELE YABASINGATHI BOKHETHO
UKUPHIKISA OKHETHWENI LWEMIKHANDLU YOBUHOLI BOMDABU

Usuku lokhetho:**Isizwe:****Isifunda sokuvota:****Isigodi:****Ophikisayo***Inombolo kamazisi:***Amagama aphelele***Abasingathi/Ovotelwayo/ Umvoti:**(Lapho kufanele khona)***Ngiphikisa :**

Ukuba umvoti avunyelwe ukuvota

Ukuba umvoti avunyelwe ukuvota kulesi sikhungo

Ukuba umvoti (noma mina) anganikezwa iphepha lokuvota

Ukuziphatha kowengamele, osingethe ukhetho noma ubani kulesi sikhungo

Izizathu zokuphikisa (imininingwane ephelele yomvoti, owengamele, osingethe noma ngubani okuqondene naye)*Isiginesha Yophikisayo**Usuku***Isinqumo sowengamele ukhetho***Isiginesha yophikisayo**Usuku***Ifomu lesi-6**

ISICELO SOKUGUNYAZELWA UKUFUNDISA NGOKHETHO EMIKHANDLWINI YOBUHOLI BOMDABU

INHLANGANO EZIMELE YABASINGATHI BOKHETHO

ISICELO SOKUGUNYAZELWA UKUFUNDISA NGOKHETHO EMIKHANDLWINI YOBUHOLI BOMDABU

Isiceleo mayelana nokhetho lomasipala oluzoba ngomhlaka**(Usuku lokhetho)****Qaphela:**

(i) Isicelo kumele sinikwe abasingathi bokhetho

(ii) Lapho ulwazi oludingekayo lungeke lwanikezwa esikheleni esilapha, lolo lwazi kumele luhanjiswe lubhalwe lunanyathiselwe efomini.

(iii) Kususe okungenasidingo

1. IMINININGWANE ETHINTA OFAKA ISICELO

1.1 Amagama aphelele:

1.2 Igama lokuhweba:

1.3 Ikheli eliphelele lebhizinisi noma lokuhlala:	1.4 Ikheli leposi: Ikhodi:
---	-----------------------------------

1.5 Inombolo yocingo:	1.6 Inombolo yefeksi (uma ikhona)
-----------------------	-----------------------------------

1.7 Inombolo kamakhalekhukhwini (uma ikhona):	1.8 Ikheli le imeyili (uma likhona)
---	-------------------------------------

1.9 Umthetho ovuna ofaka isicelo (ozimele/inkampani/nokunye – gagula):
--

1.10 Inombolo yebhizinisi uma kuyinhlango, nkampani:
--

1.11 Imininingwane egcwele mayelana nozimele/ umqondisi/onamasheya/ilungu/umphathi sikhundla:				
Igama	Isikhundla	Inombolo kamazisi	Ubuzwe	Izwe ahlala kulo ngokugcwele

2. IMINININGWANE NGABAKWENZAYO NABANAKHO

2.1 Inani labafundisi emsebenzini wakho:
--

2.2 Imininingwane ephelele yabafundisi endaweni yokufundisa ukuvota noma imisebenzi ephathelene nokhetho:		
Amagama Aphelele	Isikhundla	Okufundelwe

2.3 Imininingwane ephelele ngolwazi lokuphatha nezezimali:

2.4 Imininingwane ephelele mayelana nama akhawunti asebhange, abacwaningimabhuku nokuphathwa kwezimali izinhlelo ezisetshenziswayo zokucwaningwa kanye nokubala umphakathi.

3. AMAKHONO NAMANDLA

3.1 Okusetshenziswayo:				
Umtapo wolwazi	Okokulalela nongakubuka	Isikhungo sokuqeqesha	Ingqungquthela	Okunye (gagula)

3.2 Izinsiza zokuqeqesha:			
Okokulalela nongakubuka	Indawo	Izincwajana ezichazayo	Okunye (gagula)

3.3 Ulimi okutholakala ngalo inzinsizakufunda:

3.4 Lapho kuthathwe khona imali:

4. OKUQUKETHWE WUHLELO LOKUFUNDISA NGOKUVOTA

4.1 Izimpokophelo:
4.2 Izinjongo:
4.3 Abantu okubhekiswe kubo (uhlobo lwabantu abazoqeqeshwa):
4.4 Indawo okuzosetshenzelwa kuyo:

4.5 Imininingwane ngokuzofundiswa:					
Imoduli	Okuqukethwe yisilabhasi	Indlela yokufundisa	Okuzuzwa ngumfundi	Indlelayokuhlolai	Ubude besikhath sesifundo
1					
2					
3					
4					
5					
6					
7					
8					
9					
10					

5. ULWAZI OLUBHALWE PHANSI LOKWESEKELA

Le mibhalo ihlanganiswe ukwesekela isicelo:
1
2
3
4

Lapha ngifaka isicelo sokuba ngigunyazwe ukufundisa ukuvota futhi—

(a)

ngiyaqinisekisa ukuthi imininingwane enikeziwe kuleli fomu kanye namadokodo athunyelwe kuyiqiniso futhi akunaphutha; futhi

(b)

Ngiyaqinisekisa ukuthi ngiyahambisana neMigomo Yabafundisi Bokhetho Abagunyaziwe futhi ngizimisele ukwenza isiqiniseko ukuthi abantu engibaqashaya ukuba bafundise ngokhetho nabo bayayisayina.

Usuku:

(isayinwe)

Igama:

Isikhundla:

Ifomu lesi- 7

ISICELO SOKUGUNYAZWA NJENGOMQAPHI OKHETHWENI LWEMIKHANDLU YOBUHOLI BOMDABU

INHLANGANO EZIMELE YABASINGATHI BOKHETHO

ISICELO SOKUGUNYAZWA NJENGOMQAPHI OKHETHWENI LWEMIKHANDLU YOMDABU Isicelo

mayelana noqapha ukhetho lwemiKhandlu Yobuholi BoMdabu oluzokuba mhla ka

(Usuku lokhetho)

1.1 Igama lofaka isicelo:

1.2 Ikheli lehhovisi elibhalisiwe lofaka isicelo:

1.3 Inombolo yocingo:

1.4 Inombolo yefeksi (uma ikhona):

1.5 Ikheli le imeyli (uma likhona):

1.6 Inombolo yokubhalisa yomfakisicelo (uma ikhona):

1.7 Usuku lokusungulwa:

1.8 Inani labantu abazobekwa njengabaqaphi:

1.9 Umuntu obhekene nokuxhumanisa abaqaphi bomfakisicelo:

1.10 Umaka noma uphawu lofaka isicelo:

1.11 Imininingwane yabantu abazoqashwa ngumfakisicelo:

Igama	Isikhundla	Inombolo kamazisi noma iphasiphothi	Ubuzwe	Usuku lokufika kanye nokuhamba eNingizimu Afrika (uma kukhona)

Qaphela. Uma isikhala singanele, kungasetshenziswa iphepha eliphelele elidwetshwe amakhohlamu.

Amadokodo asekeleayo:

Isicelo kumele sihambisane nalokhu okulandelayo:

(a) Ikhophi yencwadi yomthetho noma umthethosisekelo womfaki sicelo.

(b) Isitatimende esisho izizathu zokuthi kungani umfakisicelo efanelekile ukuba agunyazwe ukuqapha ukhetho.

(c) Isiqinisekiso sokuthi umfakisicelo uyazibophezela ukuba asebenzisane neKhomishane mayelana nokuqeqesha, ukuphatha kanye nokusatshalaliswa kwabantu.

Lapha sicela ukuba sigunyazwe njengabaqaphi futhi siyaqinisekisa ukuthi imininingwane enikiwe kuleli fomu kanye namadokodo asekeleayo kuyiqiniso futhi akunaphutha, futhi siyaqinisekisa ukuthi bonke abantu esibaqashile bazosayina neNqubo Yokuziphatha Kwabaqaphi.

Isiginesha yomuntu ongunyaziwe omele umfaki sicelo

Usuku:

Igama:

Isikhundla:

IFomu 8

UKUQINISWA KOBUMFIHLO BOKHETHO LOMKHANDLU WOBUHOLI BOMDABU

INHLANGANO EZIMELE YABASINGATHI BOKHETHO

UKUQINISWA KOBUMFIHLO BOKHETHO LOMKHANDLU WOBUHOLI BOMDABU

Usuku lokhetho

Mina (amagama aphelele) sengizoqashwa njengomphathi sikhundla

- (1) ngiyavuma ukuba ngizozibandakanya nomsebenzi wabasingathi bokhetho abazimele;
- (2) ngiyavuma ukuthi esikhundleni sami njengelungu labasebenzi bokhetho, ngizokhonjiswa ulwazi kanye namadokodo okumayelana nokhetho;
- (3) ngiyavuma futhi ngiyaqinisekisa ukuthi lonke lolo lwazi namadokodo ngizokuphatha njengokuyimfihlo enkulu futhi ngizokuvikela futhi ngingakuvezi kunoma wubani, ngaphandle uma ngigunyaziwe ukwenze njalo.
- (4) ngiyafakazisa ukuthi ngizoba ngaphansi kwalokhu kuQiniswa kobuMfihlo noma ngabe ukuqashwa kwami kuyaphela.

Isiginesha: Usuku:

OFAKAZI:

No. 1646, 2006

15 September 2006

DEPARTMENT OF LOCAL GOVERNMENT AND TRADITIONAL AFFAIRS**THE KWAZULU-NATAL TRADITIONAL LEADERSHIP AND GOVERNANCE ACT, 2005
(ACT NO. 5 OF 2005)****THE KWAZULU-NATAL TRADITIONAL LEADERSHIP REGULATIONS**

ACTING in terms of section 44(2) of the KwaZulu-Natal Traditional Leadership and Governance Act, No. 5 of 2005, the Member of the Executive Council responsible for Local Government and Traditional Affairs has made the regulations set out in the Schedule hereto.

The regulations will come into effect on the date of publication thereof in the *Provincial Gazette*.

M MABUYAKHULU

Minister of Local Government, Housing and Traditional Affairs

SCHEDULE**THE KWAZULU-NATAL TRADITIONAL LEADERSHIP REGULATIONS, 2006****CONTENTS****PART A – DEFINITIONS AND INTERPRETATION**

1. Definitions
2. Interpretation

PART B – GENERAL

3. Applications for recognition as a traditional community
4. The establishment of traditional councils
5. *Isigodi* (traditional wards)
6. Membership of traditional councils
7. The selected members of a traditional council
8. The elected members of a traditional council
9. Meetings of traditional councils
10. Local houses of traditional leaders
11. Meetings of local houses
12. Executive committees of local houses
13. The Provincial House of Traditional Leaders
14. Meetings of the Provincial House
15. The executive committee of the Provincial House

16. Pledge on assuming office

PART C – ELECTIONS

17. The Scope of Part C
18. Appointment of Election Agency
19. Proclamation of and preparation for elections
20. Qualification to vote
21. Qualification for nomination
22. Nominations and selection of candidates.
23. Establishment of voting stations
24. Election staff
25. Registration of voters and compilation of voters' roll
26. Election Material
27. General management of the elections
28. Hours of voting
29. Boundaries of voting stations
30. Mobile voting stations
31. Initial procedures.
32. Voting procedure
33. Assistance to certain voters.
34. Issue of new ballot papers.
35. Marking of hand
